# Ukubheka KuJesu

. . . eBhayibhelini likaNkulunkulu. Ngokwazi lokhu, ukuthi uma amazwi ami ehluleka, awaKhe angeke. Ngakho ngifuna ukufunda u—umBhalo encwadini kaIsaya. Futhi ngineminye imiBhalo ebhalwe yakhishelwa lapha, neziphawulo ezimbalwa engithanda ukuziphatha, ngokukhulu ukushesha okungenzeka, bese-ke ngingena ngqo ukuba ngibe nomkhuleko wabagulayo futhi, kulobubusuku.

2 Ngifuna ukuthatha lelithuba, sisaphenya kuIsaya 45, ngifuna ukuthatha lelithuba ukubonga bonke abefundisi obambisane kulomhlangano.

3 UMfowethu Shores, umngane wami othandeka kakhulu, umele iAssemblies of God, lapha edolobheni. UMfowethu Outlaw, omunye umngani wami oligugu, ovela eBandleni iJesus Name. UMfowethu Fuller, ovela kwi Independence, omunye umngani wami oligugu. Hhayi kuphela lawa indoda amathathu, amele amaqembu amakhulu amathathu, kodwa abanye abefundisi engibakhonzisile, ngaphambilini, beminye imikhankaso, bonke babambisana futhi bahlangana ndawonye, nabantu waphuma. Ngithemba ngempela, bazalwane bami, ukuthi abaningi benu bantu, abebegula futhi bedinga, bathole usizo ngalesisikhathi. Futhi ngiqinisekile ukuthi ngizame konke ebengazi ukuthi kwenziwa kanjani, futhi ngiqinisekile ukuthi uMoya oNgcwele uzokuqinisa okushiwo futhi kwenziwa.

4 Ngakho, iNkosi inibusise manje njengoba sibuka eBhayibhelini. UIsaya 45, siqale ngesama 22 ichap-. . . noma ivesi 22.

> *Bhekani kimina, nisindiswe, nonke nina-majukujuku omhlaba: ngokuba nginguNkulunkulu, akakho omunye.*
>
> *Ngizifungile mina, kuphumile izwi emlonyeni wami ngokulunga, aliyikubuya, Lokuthi kimina ayakuguqa onke amadolo, nezilimi zonke ziyaku*phendula.

5 Ngiyazi lokho akusikho ukufundwa okungako komBhalo, kodwa lokho kwenele ngoba UPhakade. UyiZwi likaNkulunkulu. Futhi ukuba lokhu bengingakubiza ngendikimba manje, cishe imizuzu engamashumi amabili, noma amashumi amathathu, ngithanda ukuthi, ngifuna ukuthi: *Ukubheka KuJesu*.

6 Lokho bekulubizo iminyaka, "Bhekani kiMi, nina majukujuku omhlaba." Ngithanda ukuthi ukuphendula lokho nje kancanyana, futhi, "Bhekani ikakhulukazi kiMi ekupheleni kwenqubo yezwe ngayinye," ngoba Uhlala njalo Ezenza aziwe ngokuyikho kakhulu ekupheleni kwenqubo

yezwe uma isifika ekupheleni kwayo. "Bhekani kiMi, nonke nina majukujuku ezwe," ngingahle ngisho njalo. UmBhalo uthi, "Amajukujuku, amajukujuku omhlaba," amajukujuku kusebuningini, "amajukujuku omhlaba."

7 Abaningi bathi, "Sikuzwile lokhu iminyaka eminingi, 'Bhekani kiMi. Bhekani kiMi.'" Awu, lelo yiqiniso. Kodwa into, umbuzo ungukuthi, ungukuthi ubonani uma ubheka na? Sekubeyisikhathi eside ubucelwa lokho, "Bhekani kiMi."

8 Uzwa abantu bethi, "Bheka." Uma bephatha igama elithi bheka, lichaza ukuthi, "ukunaka, bheka phezulu, noma bheka i, futhi xwaya."

9 Futhi manje uNkulunkulu uyasho lapha, "Bhekani kiMi. NginguNkulunkulu, futhi akekho omunye."

10 Futhi ngiyazibuza, esikhathini esiphila kuso manje, yini ebesingabheka kuyo ebingaba ngeqine kakhulu ukwedlula uNkulunkulu na? Futhi uNkulunkulu uyiZwi, ngakho bheka iZwi likaNkulunkulu, namhlanje, libe yimpendulo yakho. IBhayibheli linempendulo yalolusuku. Belinayo eyezinye izinsuku. Linayo njalonjalo, ngoba linguKristu onguyena izolo, namuhla, naphakade.

11 IBhayibheli linempendulo, ngoba iBhayibheli liyisambulo sikaJesu Kristu, lembulwa selokhu kwasekelwa umhlaba. Wembulwe esimweni sabaprofethi, Wembulwe esimweni samakhosi, Wembulwe esimweni sabanikezeli-mthetho, ngoba yilokho Ayikho: iNkosi, umProfethi, uMnikezeli-Mthetho, noNkulunkulu.

Manje, Wathi, "Bhekani kiMi."

12 Futhi wena uthi, "Ngikwenzile lokho." Kuya ngokuthi ubhekeni, kunquma ukuthi ubhekani, yilapho nokuthi uMbhekela ini. Ubhekani na? Nhlosoni onayo ekuMbhekeni na? Kuya kuphela ngokuthi ubhekani, yilokho okutholayo.

13 Ngokwejwayelekile, abantu beza emhlanganweni, umbuthano wezenkolo, abanye babo baya ukuyothola isixuku esikhulu sabantu ukuba bahlale naso. Abanye... O, ngiyakuzonda ukusho lokhu, kodwa kuyiqiniso. Abanye baya ebandleni ukuba nje babukise ngezingubo abazigqokile. Abanye baya ebandleni ngoba bathi, "Leli yibandla elikhulu kunawo onke edolobheni; noma li—linegama elihle kunawo onke; izinga elithize labantu uya kulelibandla," manje-ke lokho ku—lokho akulungile. Niyabo? Awubheki into efanele ibandla elisungulelwe yona.

UNkulunkulu wathi, "Bhekani kiMi."

14 Abantu abaningi baya ezinkonzweni futhi ukuba nje babukwe. Futhi ngezinye izikhathi abantu baya ezinkonzweni...Lokhu kubi kakhulu ukusho lokhu, futhi silibala kukho isikhathi eside. Kodwa baya ebandleni nomqondo

wabo usuvele ucabangile ngaphambi kokuba bahambe. Uma izinto ezithize ishiwo, noma into ethize nje iphikisana nombono wabo, bayosukuma ngqo bese bephuma bahambe. Kalula nje abanakuma, ngoba banombono ongowabo ukuthi kufanele kube yini.

15 Yingalesosizathu impela ukuthi uJesu akaqondwanga ngenkathi Efika emhlabeni. Ukuba kuphela babebheke eZwini likaNkulunkulu, esikhundleni sesiko labo—labo langalolosuku, babeyokwazi ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Ngoba, iBhayibheli lakumemezela ngokusobala ukufika kwaKhe okugcwele, futhi Ufika ngesambulo esigcwele seZwi.

16 Futhi isizukulwane ngasinye sembula Yena esambulweni esigcwele esabelwe lesosikhathi.

17 Lesisizukulwane sifanele sembule uJesu Kristu. Leso yisambulo saKhe esithenjiswe eZwini, sifanele sembulwe kulesisizukulwane. Uma amabandla engayikuLemukela, omunye uyosukuma futhi aLenze.

18 Isizathu, uJohane wathi, "UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe. Ungacabangi ukuthi uthi phakathi kwakho, 'SinoAbrahama ukuba abe ubaba wethu,' ngokuba uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe."

19 "Ngokuba lokho uNkulunkulu akushilo, uNkulunkulu unamandla ngokugcwele ukuba enze lokho Athembise ukukwenza. Ubaba wethu uAbrahama wakuqonda lokho, futhi ngokumelene nethemba wakholwa ethembeni; akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo, ngoba uNkulunkulu wamenzela isithembiso."

20 Usenzele isithembiso salolusuku. Usenzele isithembiso. Nesithembiso sethu namhlanje siqiniseke impela nje ukuba sembulwe njengoba sasinjalo kuAbrahama, ngokuba singabantwana baka-Abrahama, "Ngokuba ngabafileyo kuKristu, siyiNzalo kaAbrahama, nezindlalifa kanye naYe ngokwesithembiso."

21 Abantu abaningi kakhulu bayangena, bazidwebele umbono wabo, bahlale emhlanganweni weFull Gospel, kumbe noma yimuphi omunye umhlangano, futhi bayolinda nje imizuzwana embalwa nje kuze kushiwo into abangavumelani nayo, khonake basukume baphume. Bangeke nje besahlala ukuba bezwe. Bane . . . Bangeke bahlale ukuba babone ukuthi bekukhona yini, nokuthi iQiniso lakho liyini.

22 Manje sithi, "Ngabe ngumoya lowo na? Kuvelephi lokho na?" Bekukhona njalo. Lokho kuvela kuGenesisi. Kwakusezansi emBhalweni. Isikhathi esiningi . . .

23 Ngenkathi uPawulu ekhuluma ngesinye isikhathi, njalo, eqenjini labantu, ngani, ba—bamlalela ngokusondele inqobo nje uma wayehlezi emthethweni. Kodwa ngenkathi eqala ukusho ngesambulo, umbono waseZulwini, ngokushesha kwashintsha ibandla. Basukuma, ukuba badazuluke. Ukuba nje babeyolalela lokho okwakushiwo yindoda, wayembula iQiniso likaNkulunkulu, ngeZwi.

24 Ngesinye isikhathi esedlule, edolobheni elikhulu, kule United States, ngamenyelwa imvuselelo. Abantu nje abambalwa—bambalwa kakhulu lapho abethamela. Mhlampe, kuyoyonke imvuselelo, babengengaphezu kwanoma kunjalo khona kulendlu kulobubusuku. Ngase ngicabanga, "Awu, nginganikeza u—ukudla kwasekuseni, ukudla kwasekuseni kwamahhala." Futhi ngithathe umnikelo wami wokothando ukwenza ukudla kwasekuseni kube ngokwamahhala kwamanye amakholwa omkhandlu wenkolo yobuKristu lapho edolobheni, futhi ngawatshela ukuba ba "Phume, ngithanda ukukhuluma nabo futhi ngibatshele inhloso yami yokuba ngibe lapho: ukusiza idolobha, ukusiza abagulayo, ukubasiza, wonke amabandla."

25 Awu, lokho kusa, ngenkathi uDokotela Lee Vayle eyisikhulumi sami emkhankasweni, wayengethule kwi—kwizethameli, emva kokudla kwasekuseni, ngase ngithatha i—lendikimba, "Angibanga ngongawulaleliyo umbono waseZulwini." Emzuzwaneni nje, ngaqaphela umfundisi wabheka iwashi lakhe, wayesefinyelela ngaleya wayesenqekuzisisa ikhanda lakhe komunye umfo, wasukuma wayesephuma. Ngaphambi kokuba sengisho amazwi ayisithupha noma ayisishiyagalombili, cishe impela okuthathu kwaleloqembu labefundisi base bephumile. Ngaphambi kokuba sengibe nemizuzu emihlanu yokukhuluma nje ngalokho uPawulu akusho, ukuthi a "kabanga ngongawulaleliyo umbono wasezulwini," ngoba uNkulunkulu wayembizele kulomsebenzi, babone ngayo leyonkathi lapho engangizosekela khona umcabango wami. Kwakungasekho okungaphezu kokukodwa kokuthathu kweqembu elase lisele. Manje lokho akusikho ngisho ukunikeza ukunaka komKristu, njengomuntu ongaphatha iGama likaJesu Kristu.

26 Ngisho lokhu ngezinhlonipho, kodwa ngikusho ukuba kuzike. Nganginokuningi ukuqonda, nenhlanganyelo engcono, nesigejane sezinyanga bathakathi ezingama Afrika kunoma ngenza ngaleloqembu labefundisi ngalokho kusa. Zinikeza omningi umcabango eZwini likaNkulunkulu, futhi zabuza imibuzo, nge. . . engangingazinikeza ithemba elilele phakathi kwami, ngethemba lokuPhila okuPhakade.

27 Lababefundisi babengenaso nhlobo isikhathi saLo. Ngokushesha nje, uthi nje ungasho into ethize, basuke baphume. Futhi ngakho yileyondlela okungayo. Banomqondo wabo osuvele ucabangisisile, bahlala nje isikhathi eside kangako,

futhi lokho kuphela abafuna ukukwazi. Uma kuyiZwi elilodwa lingavumelani nanoma yiyiphi into encane abakholelwa kuyo, bangehlale futhi balalele ngaLo. Yingalesosizathu bengakwazanga ukumkholwa uJesu Kristu ukufika kwaKhe kokuqala. Yingalesosizathu beyoMgeja kokwesiBili.

28 BaMgeja njalo ngesikhathi. Bebehlala njalo bekwenza. Futhi Uzembule Yena uqobo kuMose, wazembula Yena uqobo kuNowa, wazembula Yena uqobo kuElija, bonke abaprofethi, bakugeja ngasosonke isikhathi. UJesu wathi, "Yimuphi omunye wawobaba benu ongabafakanga abaprofethi emathuneni phandle lapho abawahlobisa khona manje na?" Lelo yiqiniso. Bekuhlala njalo kuyiqiniso. Kuseyiqiniso nanamhlanje.

29 Futhi, nokho, phakathi kwakho konke lokhu, siyayalwa ukuba sibheke. "Mbhekeni, nonke majukujuku ezwe."

30 Ngezinye izikhathi bayangena, umuntu uyokwehlulela ngokuthi hlobo luni lwezingubo. Uma ungagqoki izingubo zabefundisi, kanjalonjalo, khona-ke lokho kungaphandle, abayikuzihlanganisa nalutho ngawe. Ngezinye izikhathi bafuna ukubheka ukuba babone ukuthi nhloboni yemfundo onayo, uma ukhuluma amazwi akho kahle, uma uma kahle, ukuthi uwasebenzisa kanjani amabizo akho nezabizwana.

31 Ngikukhuluma ngokusobala, angazi ukuthi yilona liphi ibizo nesabizwana. Ngeke ngakutshela. Ngakho, lokho, lokho kuphandle, kimi, futhi a—angazi nje. Ngeke ngenza mehluko phakathi kwebizo nesabizwana. Ngakwenza ngenkathi ngisesesikoleni, kodwa sengakukhohlwa lokho isikhathi eside esedlule.

32 Ngazi into eyodwa nje, nalowo nguJesu Kristu emandleni okuvuka kwaKhe, yilokho kuphela engaziyo ukusho ngakho. Iziphawulo nezabizwana, angazi lutho. Futhi ngicabanga ukuthi yilokho thina sonke esikuzela ndawonye emihlanganweni enjengalo, ngukwazi Yena; hhayi ukwazi amabizo nezabizwana, kodwa ukwazi Yena, uJesu Kristu, emandleni okuvuka kwaKhe.

33 Manje, abanye abantu, uma bebheka uJesu, bayabheka bese beMbona, babheke futhi baMbheke, futhi, bese beyaMbona, babona kuYe umsunguli webandla kuphela, noma u—u—umhleli webandla, noma mhlawumbe i—isivumokholo sebandla. Yilokho abantu abaningi ababheka uJesu ukuba babone. Uyisivumokholo esisha nje esenezelwa emfundisweni endala. Manje abantu abaningi bayabheka bese beMbona kanjalo.

34 Abanye bayabheka bese beMbona njengensumansumane, uSanta Claus. Noma, abanye babo bayaMbheka njengesinye sesenzo somlando uNkulunkulu asenza eminyakeni eminingi eyedlule. Abanye babo bayaMbheka namanje njengengane emkhombeni.

35 Kodwa, umbuzo uthi, nibonani uma niMbheka na? Nibona uMuntu wesibili wobuthathu, noma nibona ubuthathu,

abathathu koYedwa na? NiyoMbona kuphela lapho niMbheka ngeZwi. Yileyondlela kuphela eniLazi ngayo, ngoba UyiZwi. Liyomembula Yena uqobo. Kuya ngokuthi ubhekani.

36 Uma uMbheka, ukuba uphikisane, khona-ke ubheka okungalungile. Akaphikisananga. KwakungaMfanele ukuba aphikisane.

37 Khumbulani, niMbona lapho niMbheka ngeZwi laKhe, futhi niMvume. Manje ningeke naMbona aze amehlo enu livuleke eqinisweni. Indoda amabili angabheka umBhalo ofanayo futhi angavumelani; enye yawo izoba ngeqinisile, enye ibe ngenephutha.

38 Ngezinye izikhathi kunezinto eyenzekayo esiphahlile, esingenakuziqonda; abanye bathi babona izinto, abanye ababoni lutho ngakho.

39 Bhekani eDothani ezansi lapho, lolosuku lapho uElija wayekade ekakwe yimpi yamaSiriya. Nenceku yaKhe ethembekile, uGehazi, owayehlala naye, wamlindela, wamphekela, futhi wamgcinela izingubo zakhe zihlanzekile, wathela amanzi ezandleni zakhe; wayekanye naye ngqo, imini nobusuku, wamlalela efundisa futhi eshumayela. Futhi ngalokho kusa ngenkathi evuka, wabheka phandle wayesebona impi yamaSiriya macala onke; wathi, "Baba wami, maye, bheka abaphikisanayo esinabo, yonke impi yamaSiriya!"

40 Niyabo, uElija, lapho esukuma, wayesebheka, wabona into ethize uGehazi angayibonanga. Futhi ngakho wakhuleka, "Nkulunkulu, vula amehlo alensizwa." Manje, amehlo akhe ayevuleke kabanzi, kodwa wathi, "Vula amehlo akhe, ukuba abone." Futhi ngenkathi amehlo akhe, ngokomoya, avuleka, zonke izintaba yayigcwele izinqola zamahhashi oMlilo neziNgelosi nakho konke kuzungeze lowomprofethi. Niyabo, kwakwehlukile ngenkathi amehlo akhe evuleka.

41 Manje, abantu babheka iZwi, ngokwangempela, futhi yileyondlela ofanele ukuLibheka ngayo, kodwa Lizimemezela Lona uqobo ngakho kokubili ngokwangempela nangokomoya. UMoya wenza iZwi ukuba liphile esithembisweni. Ngamany'amazwi, LiyiMbewu, uMoya unikeza ukuPhila kwaWo. Uyagcoba, ULinika ukuhamba kwaLo—kwaLo, njengemvula inika embewini embelwe emhlabathini. Iyaqhuma, ukuPhila. Futhi uma ubheka uJesu njengeZwi elithenjisiwe lehora, khona-ke liyokwembulwa kuwe. Uma uMbheka, uzobona ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade, uKristu ofanayo.

42 Ingxenye yeZwi likaNkulunkulu yabelwe zonke izizukulwane, kusukela le kuGenesisi. UNkulunkulu njalo uthumela othize. Ngokwejwayelekile abefundisi uLixova kakhulu lize libe semasikweni, kanjalonjalo, njengoba kwakunjalo ekufikeni kukaJesu, bese-ke uNkulunkulu athumele

umprofethi eze. "IZwi leNkosi liza kumprofethi," uyaLembula. Wayekhandwa ngamatshe, noma akhishwe, akhahlelwe akhishwe; bese kuthi-ke, emva kokuba engasekho isikhashana, bakha ithuna lakhe bese bethi wayengumuntu omkhulu. Baphila esithunzini salokho ayeyikho emuva lapho, futhi bale iZwi elenzeka namuhla.

43 Kunjengomuntu nje: ukhuluma njalo ngokuthi uNkulunkulu mkhulu kangakanani nokuthi Wenzeni, kanjani ukuthi zinto zini Azozenza, futhi engaboni izinto Azenza khona manje. Niyabo? UMbheka emlandweni, umBheka esiprofethweni, kodwa uyakhohlwa ukuthi wenza okufanayo khona manje njengoba Enza ngaleyonkathi. Lowo ngumuntu nje, nokho.

44 Siqaphele abafundi, ngesinye isikhathi, emva kwe . . . Awu, kwakungukusa kokuqala kwePhasika. Ukusa okunje pho! UJesu, evuka kwabafileyo, ehamba phakathi kwezimbali. Nabangani ababili, uKleyophase nomunye wabangani bakhe, wayesendleleni ebheke ezansi e-Emawuse. Futhi babehambisana bexoxa, bedabukile enhliziyweni yabo. NeNdoda yaphuma ehlashaneni, yayisihambisana nabo usuku lonke, ixoxa kubo ngoKristu. Futhi ngalokho kuhlwa, baMcela. Washaya sengathi Wayezobedlula, kodwa baMcela ukuba angene. Wakwenza.

45 Futhi, ngenkathi Enza, Wenza into ethize lapho ngendlela Ayekwenze ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaKhe nokuvuka kwaKhe. Ngaphambi kokuba Abathelwe, baMbona ekwenza njengoba Enza nje. Baqonda ukuthi kwakunguYe, nakuba babekade benaYe usuku lonke gulukunqu futhi abazange baqonde ukuthi WayenguBani.

46 Kungenzeka, namhlanje, ukuthi umuntu olungileyo, umuntu okahle, ahambe noKristu, efunda iZwi laKhe, futhi abe esalokhu engaqondi ukuthi leli yihora ukuthi izinto ezithize zaleliBhayibheli zifanele zigcwaliseke. Yihora esiphila kulo, isikhathi sesiseduze lapho lezizinto zifanele zenziwe. Kulotshiwe, futhi kanjalo kufanele kugcwaliseke ngoba uNkulunkulu wakwethembisa. Yebo, amehlo ethu afanele avuleke ukuba abone iZwi. Manje, ungabheka iZwi . . .

47 AbaFarisi babenaleloZwi lidwetshiwe nje impela ngendlela uMesiya ayezofika ngayo. Bakholwa ukuthi babeqinisile. Futhi lapha Wazalwa futhi wahamba ngqo phakathi kwabo, futhi baMlahla ngecala; ngenkathi Ebatshela, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi yiYo Efakaza ngaMi."

"Hlolani imiBhalo."

Bathi, "Singabafundi bakaMose."

48 Wathi, "Ukuba beningabafundi bakaMose, beniyakungazi Mina, ngokuba uMose waloba ngaMi."

49 Futhi Wenza. UMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umprofethi onjengaMi, umnikezeli-mthetho, kanjalonjalo, nomprofethi, naye abantu bayakumuzwa."

50 Niyabo, ukuba babekwazi ukubhala kukaMose, babeyoMazi. Babecabanga ukuthi babekwazi ukubhala kukaMose, kodwa, niyabo, abakwazanga. Niyabo, babephuphuthekile kuleloqiniso impela.

51 Ngakho amazwi ambalwa nje avela kuYe, kanjalo, benzani na? Bagxuma base bethi, "LoMuntu unodeveli. Uza ukusifundisa thina na? Wavela kusiphi isikole na? Asinakho okuqoshwe phansi ngaYe. Ngiyamangala ukuthi ngabe elikabani ikhadi lenhlanganyelo Aliphethe na?" Noma, into ethi ayibe njalo yayingumbuzo.

52 Kodwa behluleka ukubheka futhi babone ukuthi yena impela uNkulunkulu owethembisa iZwi wayeliqinisekisa khona lapho ngalowoMuntu kaJesu Kristu, ngokuba WayengukuKhanya kwehora. WayengukuKhanya kokuba abantu bangene. Futhi, iZwi likaNkulunkulu kuphela eliveza ukuKhanya. IZwi likaNkulunkulu kuphela eliveza ukuKhanya.

53 IZwi likaNkulunkulu liveza ukukhanya kwelanga. IZwi likaNkulunkulu liveza umhlaba. IZwi likaNkulunkulu liveza uMoya. Yonke into iyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo, yonke into enobuqiniso kuyo.

54 Ngenkathi Elapha, Wathi, "NginguNkulunkulu, futhi ngaphandle kwaMi akekho omunye."

Abanye babheka. Ake sithathe abanye ababheka.

55 UIsaya, ngesinye isikhathi, umprofethi osemncane... Lapha ngesikhathi esedlule ePhoenix, ngakhuluma ngaye, ko—kosomabhizinisi, ngikholwa ukuthi kwakunguye. Ukuthi wayekade encike kanjani kakhulu phezu kwehlombe lenkosi, uUziya, futhi sithola ukuthi uUziya wathola konke ukukhukhumala futhi washaywa ngochoko. Kwasekuthi-ke uIsaya wadingeka ehlele ethempelini futhi akhuleke, futhi uthi, uvuma ukuthi uyisoni. Futhi wabona amaKherubi eza ngaphambili, namaphiko awo emboza ubuso bawo obungcwele, nezinyawo, futhi endiza ngamaphiko, futhi ememeza, "Ingcwele iNkosi uNkulunkulu." Ngenkathi uIsaya emuthi nhla uJesu Kristu, nakhu akubonayo. Akazange abone noma yimuphi nje umuntu ojwayelekile. Akazange abone isazi sezokusebenza kwengqondo.

56 Njengoba iningi lamabandla ethu amaProtestane namhlanje, ngicabanga ukuthi ngamashumi ayisithupha-nesishiyagalombili noma amaphesente angamashumi ayisishiyagombili-nesithupha awo, ekuhloleni, akuphika ukukholwa. Ayakuphika ukuzalwa yintombi kukaJesu Kristu; abashumayeli bethu bamaProtestane. Kunjalo. Lokhu kususelwa ezibalweni. Kwehle njalo, bayakuphika ukuzala

kwentombi. Abakholwa ukuthi empeleni kwakuyintombi. Ngakho, manje-ke, uIsaya akayibonanga into enjengaleyo. Abanye babo, bathi, "WayenguMuntu olungileyo." Abanye babo, njengamanye amahlelo ethu namhlanje, athi, "UnguMuntu olungileyo. Impela, akukho cala kuYe, kodwa, ngiyakutshela, amaZwi aKhe angeqiniswe noma akholwe namhlanje."

57 Awu, noma yiyiphi inkolo nanoma yikuphi ukukholwa okuqiniswe ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu, kuyeke kanjalo. UJesu wathi, "Onke amazwi omuntu ayohluleka, kodwa awaMi angeke. Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze ledlula."

58 Ngakho, ngakho-ke, noma yisiphi isivumokholo kumbe noma yini engakhelwe kuleliZwi likaNkulunkulu, lonke iZwi likaNkulunkulu! UJesu wathi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi." Hhayi nje iZwi *lapha* neZwi *lapho*, nento encane lapha nalapho, futhi Lihlanganiswe ndawonye; kepha, "Onke amazwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu!" Umuntu uyakuthatha onke amazwi eBhayibheli! Lihlanganiswe . . . Selivele lihlanganisiwe; Lifundeni nje futhi niLikholwe, niLenze, uNkulunkulu uzoLihlonipha.

59 Manje sithola ukuthi, uIsaya, ngenkathi ebheka. Ubonani, Isaya na? Wabona Lowo owayebizwa ngokuthi, "UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade." Yilokho akubhekayo.

60 Ukuba bengingabiza enye indoda, uDanyeli, ngesinye isikhathi waba nethuba lokuMbona. Umprofethi omkhulu, wabonani na? Wathi, "Ngabona iTshe, elaqheshulwa entabeni, kungengazandla, futhi Lagingqikela emibusweni yezwe futhi layibhidliza yaba yizicucu, futhi yaphephetheka njengekhoba phezu kwephansi lokubhulela lasehlobo. NeTshe lakhula laba yintaba enkulu eyasibekela wonke umhlaba." Yilokho akusho ngaYe.

61 Ngakho-ke, Uyobusa izwe, ngoluny'usuku. Abantu bayazabalaza namhlanje ngoyobusa izwe; isizwe ngasinye sifuna ulimi lwabo, imicabango yabo—yabo; ihlelo ngalinye lifuna amaqembu abo phezu kwelinye. Kodwa kukhona Ozayo, futhi loyo kuyoba nguJesu Kristu. UnguMbusi womhlaba wonke jikelele; akangaphansi kukaNkulunkulu uqobo lwaKhe.

62 UNebukadinezari, ngoluny'usuku, wayenze into embi, wayephose abantwana abathathu abakholwayo esithandweni somlilo. Futhi ngenkathi evula umnyango ukubona ukuthi babeqhubeka kanjani phakathi lapho, wabona uMuntu wesine ngaphakathi kwesithando. Futhi wabonani ngenkathi ubheka, Nebukadinesari na? Wathi, "Wayebukeka efana neNdodana kaNkulunkulu." Yilokho akubonayo ngenkathi wayebheka

ecaleni ayelenzile, kwakukhona Lowo owayebukeka efana neNdodana kaNkulunkulu.

63 UHezekeli wathatha ukubheka ngeliny'ilanga, wathi, "NgaMbona, futhi, futhi WayeyiSondo phakathi nesondo, ephenduka, phezulu phakathi nomoya." Wayebukeka kanjalo kuHezekeli.

64 UJohane, omkhulu kunabobonke wabaprofethi, nguye owathula uJesu. UJesu wathi waye "mkhulu kunoma yimuphi umuntu owayezelwe." Senake nacabanga ukuthi kungani lokho kwabanjalo na? Bonke abanye babo bakhuluma ngaYe, "IZwi leNkosi liza kumprofethi," lelo yiBhayibheli elasho njalo, futhi kubobonke abanye abaprofethi kuza kubo ngemibono. Kodwa ngenkathi iZwi liza kuJohane, Laliyinyama. UJesu wayeyiZwi. UyiZwi. WayeyiZwi njalo, kodwa nakhu lapho ukugcwala kobuNkulunkulu "kwenziwa inyama futhi kwakha phakathi kwethu." Ngenkathi Eza kuye emanzini, wayengumprofethi. Futhi uma iZwi lenziwa inyama, Lifanele lize kumprofethi. IZwi, noma ngabe Likuphi, Lifanele lize kumprofethi, ngoba umprofethi uyilowo iZwi eliza kuYe. NoJohane wayengumprofethi wosuku.

65 Futhi ngenkathi iZwi liza kuye, laphumela emanzini futhi lathi, "Ngifuna ukubhaphathizwa."

66 Futhi uJohane wathi, "Yimi engiswela ukubhaphathizwa nguWe, futhi yini Uze kimi na?"

67 Wathi, "Vuma kalokhu manje, ngokuba kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke."

68 Senake nacabanga ukuthi kungani uJohane asho lokho na? Kungani uJohane asho lokho kuJesu na? Kungani na? Ngoba ku . . . Kwakubafanele. Babe . . .

69 Kwakukhona u—umprofethi neZwi, neZwi lalize kumprofethi, manje kwakubafanele ukuthi konke ukulunga kufanele kugcwaliseke. Kwenzekani na? Khona-ke uJohane wabhaphathiza uJesu. Ngoba, uJohane engumprofethi futhi elazi iZwi, umhlatshelo ufanele ugezwe ngaphambi kokuba wethulwe, futhi yingakho uJohane abhaphathiza uJesu.

70 UJohane wabheka, futhi wabona. Wazi kanjani ukuthi lona kwakunguJesu na? Wabona ijuba, ayekade elitshelwe nguMoya kaNkulunkulu. "Phezu kwaLowo oyakubona uMoya ehla, futhi ehlala phezu kwakhe, Nguye Oyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo."

71 UNowa wabheka. Siyathola lapha, kwakukhona enye indoda eyabheka, egama linguNowa—Nowa. Wabheka futhi wabona ubulungiswa bukaNkulunkulu phezu . . . Ukwahlulela kukaNkulunkulu okulungileyo, njalo, phezu kwesizukulwane esibi esiphika iZwi, kwakuthululwa. Embonweni wakhe, njengoba uNowa wayengumprofethi, uNkulunkulu wayemnike

umbono wokuthi awakhe kanjani umkhumbi, futhi wamyala ukuthi akwenze kanjani ukwakha, ukuthi ufanele wakhiwe kanjani. Kulokhu, wayengakwenza kanjani uNowa, ngaphandle uma lombono uyiZwi likaNkulunkulu, ngenkathi ebone lolulaka futhi enza indlela yokulungiselela na?

72 Njalo, ngaphambi kokuza kokwahlulela, kunokulungiselelwa okwenziwayo. Njalo kuyiZwi likaNkulunkulu.

73 Futhi ngenkathi akha iZwi likaNkulunkulu ndawonye, efakaza ukuthi umbono wakhe wawuqinisile futhi wakholelwa kuwo, abahleki abahleka usuku bahlekisa ngaye, kanjalonjalo. Kodwa uNowa wayebheke ngaphambili futhi wabona ubulungiswa bukaNkulunkulu ukuthi babudinga ukwahlulela phezu kwabantu, futhi wakha umkhumbi ukuba asindise abendlu yakhe uqobo. Ngenkathi ebheka, wabona ukuza kolaka lukaNkulunkulu, futhi wenza amalungiselelo abantu ukuba baphunyuke kulento.

74 Wenzenjalo noJohane umBhaphathizi, wenza ukulungiselela kokuphunyuka.

75 Futhi unjalo noMoya oNgcwele, namhlanje, wandulela ukuFika kukaJesu Kristu, wenza ukwakha, uMzimba kaJesu Kristu. Sibhaphathizelwa kuWo; hhayi ngesivumokholo, hhayi ngehlelo noma ukuxhawulana. Kodwa, "NgoMoya kaNkulunkulu sibhaphathizelwa eMzimbeni kaJesu Kristu," ukwakha okuyomela izahlulelo, ngoba Usuvele wehlulelwe. "Nxa ngibona iGazi, Ngiyakudlula kini." Yebo.

UNowa, wabheka futhi wabona okwakuza.

76 UMose wabheka, ngoluny'usuku, ubone iNsika yoMlilo. Yaheha ukunaka kwakhe. Losiyazi omkhulu wezenkolo, wayebaleke nakho konke kokuqeqeshelwa kwakhe isayense yezenkolo, nokuqonda kwakhe (ngonina) kweZwi uqobo lwaLo. Ukuthi wayezobakhulula kanjani abantwana bakwa Israyeli. Kodwa ngenkathi ezama ngendlela yakhe, wehluleka. Futhi nakuba umama wakhe wayemyalisisile ukuthi akenzeni, nokuthi wayezokwenzani, nokuthi uNkulunkulu wayemkhulisele ini. Lonke lolulwazi, luluhle lunjalo, futhi luhle, kepha nokho lwalufanele luhleleke. Lokho kwakuyizona zihambisimshini kuphela.

77 Izihambisimshini akusikho okuhambisa imoto. Ngamandla ayihambisayo.

78 Izihambisimishini azilihambisi ibandla; ngamandla, uMoya oNgcwele ongena kuleliZwi. Akusilo ikholiji elikufundisa yonke isayense yezenkolo nezihumusho zesiGreki. Kodwa ngamandla kaMoya oNgcwele phakathi lapho, ukokhela Lowo mlilo nokuwufezekisa, futhi ukuwenza uphile nje impela ukuthi iZwi elethenjisiwe liyini lalelihora. Hhayi izihambisimshini;

amandla! Kuthatha izihambisimshini namandla, iZwi noMoya, Yikho okunikeza ukuPhila.

79 Lokho uNkulunkulu akuthembisela ihora, kubheke ukuba kugcwaliseke. Ufanele uMbheke, ngoba UyiZwi. Futhi indlela kuphela ongabheka ngayo eZwini, ngukubheka kuYe. Bheka kuYe, UyiZwi, neZwi elithenjiselwe lolusuku lizogcwaliseka kulolusuku. Isikhathi sikaNowa besingeke sigcwaliseke ngalolusuku; kwakungumfanekiso nje, isikhathi sikaMose, kanjalonjalo. Kodwa lolu usuku uNkulunkulu uthembise lezizinto esizithokozelayo manje, lezizinto esizibonayo manje, ukuthi izwe liyazihleka, lamandla anzima kakhulu kaMoya oNgcwele angaguqula inhliziyo yesoni, angathatha ilunga lebandla elisivivi futhi alinike ubufakazi ukuthi lizokokhela ibandla, lapho livela khona. Ngamandla angene eZwini.

80 Njengoba bengihlale ngisho, ngithole amazinga amabili abantu. Elinye lawo eliqavile; ngokwendawo uyazi lapho ekhona kuKristu, ngenxa yeZwi, kodwa akanakukholwa kulokho akwenzayo. Akakawemukeli uMoya oNgcwele. Khona-ke ngithola amaPentecostal, abaningi bawo uwemukelile uMoya oNgcwele, kodwa abazazi ukuthi bangobani. Njengomuntu nje onemali ebhange futhi engakwazi ukubhala isheke, futhi omunye angalibhala isheke futhi akanamali ebhange. Uma ubungathola labo ndawonye, uma ubungathola iPentecostal ukuba liqonde ukuthi lingubani, futhi libuyele kwelangempela, iZwi likaNkulunkulu eligcwele; ngalowombhathizo kaMoya oNgcwele, belingokhela izwe futhi ngemvuselelo entsha yephentekoste. Mfowethu, dadewethu, lelo yiqiniso.

81 "Bhekani kiMi, nina majukujuku omhlaba; ngokuba nginguNkulunkulu, futhi akekho omunye ngaphandle kwaMi."

82 O, singabuhlulela ubukhomanisi, singayihlulela yonke enye into, kodwa ngiyamangala uma singehlulela ingxenye yeZwi elabelwe ngoNkulunkulu lalolusuku na? Ngiyamangala uma singabona isibonakaliso uNkulunkulu asitshela ukuthi besiyobalapha emhlabeni ngalolusuku na? Ngiyamangala uma sikwenza na?

83 Yebo, sibuyele kuMose futhi. Wayeyikho konke... wayebenazo zonke izihambisimishini ngakho, kodwa ngelinye ilanga esihlahleni esivuthayo, wezwa uMuntu ekhuluma ngephimbo lomuntu, iNsika yoMlilo evuthayo emuva esihlahleni, ikhuluma ngephimbo lomuntu, futhi yathi, "NGINGUYE ONGINGUYE. Futhi Ngikuzwile ukububula kwabantu baMi. Ngiyalikhumbula iZwi laMi, futhi Ngiyehla ukubakhulula. Futhi Ngithuma wena ukuba ukwenze." Umuntu owayehluke kanje, kwathi nje angathola i... Wayenezihambisimshini, kodwa wayenamandla kukho. "Impela, Ngiyakuba nawe." Yilokho konke okwathatha uMose ukuhamba, wabheka futhi wabona esihlahleni esivuthayo.

84 Kamuva ohwambweni, sithola uIsrayeli ngenkathi babephuma. Babheka, nabo, futhi babona inyoka yethusi. Futhi kulenyoka yethusi eyamiselwa ukugula kwabo. . .Babonile, futhi babona inyoka yethusi. Kulenyoka yethusi babona, ngesifanekiso, ukwahlulelwa uNkulunkulu ayezokubeka phezu kukaJesu Kristu, ukuba afele sonke thina zoni ezingafanele, ezinecala. Yilokho akubonayo.

85 Abafundi baMbheka, ngesinye isikhathi, besenkathazweni, phandle olwandle, futhi babonani na? Babone usizo lwabo. Babone usizo luza ngaYe.

86 UMartha, ngoluny'usuku ngenkathi enokufa emndenini, umnewabo uqobo wayefile, uLazaru, umnewabo kuphela ayenaye. Wabheka kuYe ngesikhathi sokufa, wayesebona ukuvuka nokuPhila. Yilokho akubona kuYe. Manje, kwabonakala sengathi Wayemalile; Wayehambile ngenkathi umnewabo efa. Kodwa into yokuqala niyazi, khona manjalo Wathola. . .Emva kokuba umfana esefile, futhi wembelwa izinsuku ezine, wayevele esenuka.

87 UMartha wazi ukuthi kwakukhona into ethize ngaYe eyayehlukile. Wayefunde umBhalo. WaMkholwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, uEmanuweli, uNkulunkulu obonakalisiweyo. Wayazi ukuthi Wayengomele uNkulunkulu. Futhi wayazi, uma uElija akwazi ukuvusa ingane efile, naye eyingxenye nje yeZwi, lehora; uKristu wayengukugcwala kweZwi, wayazi ngempela ukuthi Wayenamandla ukuba avuse umnewabo. Futhi ngenkathi eya kuYe ngehora lokufa, ekushonelweni, wathola ukuvuka nokuPhila ngenkathi ebheka kuYe. Akabhekanga kuYe ukuba aMgxeke, noma aMbuze ukuthi kungani Engafikanga, noma aMbuze.

88 Awufanele neze ubuze iZwi likaNkulunkulu. Yilokho okwafaka sonke isintu enkathazweni, ngenkathi uEva ebuza ukuthi ngabe uNkulunkulu wayezokugcina konke yini okweZwi laKhe noma qha. Ngithi kulobubusuku, bazalwane, sekufike isikhathi sokuthi sifanele silikholwe lonke iZwi uNkulunkulu aliloba. Liyilo lonke nelincu, iQiniso. "Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

89 Manje sithola ukuthi uMariya wathola ukuvuka nokuPhila.

90 Wenzenjalo noJayiru, umpristi omncane, ikholwa elizifihlile, ukuthi ngenkathi ebona uJesu futhi waMbheka, wathola ukuvuka nokuPhila.

91 Abantu abalambile babheka kuYe, ngoluny'usuku, futhi bathola isinkwa esiqinisayo; isifanekiso ukuthi abalambile namhlanje bangathola iSinkwa sokuPhila, hhayi ukuthola isivumokholo. Awumtholi umsunguli, awumtholi umguquli; uthola ukuPhila uma uthola uKristu, iSinkwa sokuPhila.

92 Isela elifayo labheka kuYe, ngehora losizi, futhi latholani na? Lathola ukuxolela kwaKhe. Ubani omunye elalingabheka

kuye na? Uhulumeni wamaRoma wayengeke alixolela. Akekho omunye owayengalixolela. Kodwa labheka kuJesu, osizini lwalo, futhi lathola Omunye umuntu Owakwazi ukulixolela.

93 Mfowethu, dade, kulobubusuku, uma ulenga njengoba lalinjalo ngaleyonkathi, esilinganisweni sokulahlwa; futhi wazi, uma ubungafa, kulobubusuku, njengelunga lebandla elisivivi, noma iPentecostal esivivi, noma ungahle ube yini, uyazi lapho oya khona. Bheka kuYe, kulobubusuku, Lo Ongakukhulula. Oyedwa, kulobubusuku, uma nje ungubulunga kuphela, futhi ungazi ukuthi ukuvuka kukaKristu kusho ukuthini ukuhlala enhliziyweni yomuntu, bheka kuYe. UnguNkulunkulu, futhi Yena yedwa. Uzothola ukuxolelwa njengoba leli elimpofu, elijiyile, isela eliguliswa yisono lenza, lilenga esiPhambanweni.

94 Abagulayo babheka kuYe. Batholani na? Bathola uMphilisi. Abagulayo kulobubusuku basangabheka kuYe futhi bathole uMphilisi. Bathola kuYe okwakumelwe enyokeni yethusi; uma leso kwakuyisifanekiso, lokhu kwakumelene nesifanekiso. Impumputhe yabheka futhi yakwazi ukubona. "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." AmaHeberu 13:8.

95 Imbongi yabheka ngesinye isikhathi, yathola eyayingakubona. Impumputhe uFanny Crosby wabheka ngesinye isikhathi, ukuba abone ayengakubona. Eyimpumputhe, nakhu okwaba yimpendulo yakhe:

> Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
> Ngaphezu kokuphila kimi,
> Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
> Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

96 UEddie Perronet, ngesinye isikhathi, lapho wayenganakuwathengisa amaculo akhe futhi wamangala ukuthi angenzenjani. Futhi wabuyela eofisi lakhe, nalokho kuphefumulelwa kwehlela phezu kwakhe, uMoya oNgcwele; wadumela ipeni, wayesebheka wayeseMbona emandleni, futhi wabhala wasebhala iculo:

> Bayede Mandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi ziMthwese umqhele iNkosi yakho konke.

Yilokho akubona kuYe. O, he!

97 UPetru, umdobi wendawo; ngenkathi umfowabo wayekade ethamele imvuselelo kaJohane umBhaphathizi, uAndreya. Babekade bexoxa ngayo, ngokuthi uMesiya uyoba yini, futhi bekudingida. Uyise wayemtshelile ukuthi, "Kuyobakhona eziningi izinhlanya ezivukayo, ngaphambi nje kukaMesiya, kodwa wena uyoMazi. Uyoba ngumprofethi. INkosi yathi,

'Uyoba ngumprofethi.' Siyaqonda ukuba sikholwe abaprofethi bethu."

98 Futhi ekugcineni, ngoluny'usuku, nakho konke ukugqugquzela uAndreya ayengakwenza, ekugcineni wamthola uPetru ukuba eze azoMlalela, ngoba Wayezoba nomhlangano ezansi lapho ogwini, ngokunye ukusa. Wehla ukuyozwa iZwi likaNkulunkulu. Futhi esenyukela eBukhoneni bukaJesu Kristu, wabonani uPetru ngenkathi ebheka kuYe na? Wathi, "Wena, igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase." Lokho kwakuxazulula ingunaphakade. Wazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalikade ligcwalisiwe.

99 UNatanayeli, ngesinye isikhathi, ikholwa langempela eTestamenteni eLidala, ebheke ukufika kukaMesiya. Walethwa nguFiliphu, umngane wakhe, eBukhoneni bukaJesu, emi emsamo, esiqwini sebhokisi, noma ngabe kwakungaba yini, ekhulekela abagulayo. Futhi ngenkathi uNatanayeli eyongena emgqeni womkhuleko, noma ngabe kwakuyini, futhi waqala ukuMbheka, wezwa iphimbo libuyela kuye, futhi lathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho-nkohliso kuye."

100 Wathi, "Rabi, Ungaze nini na? Wake Wangibona nini na?"

101 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi Ngi... uphansi komuthi, Ngakubona."

102 Wavumani uNatanayeli ayibonayo na? Wathini na? "Wena unguKristu. Wena uyiNkosi kaIsrayeli. Wena uyindodana kaNkulunkulu." Yilokho akubonayo ngenkathi ebona iZwi likaNkulunkulu leqiniso lalolosuku. Iminyaka engamakhulu amane ngaphandle komprofethi, futhi uMbona azi yona impela imicabango owawusenhliziyweni yakhe, nalokho ayekwenzile, wazi ukuthi lokho kwakungebe lutho olungaphansi kukaMesiya. Besingakabi nakho, babengakabi nakho, futhi kwethenjiswa, futhi wonk'umuntu wazi ukuthi isikhathi sasesiseduze.

103 Ngakho sazi into efanayo namhlanje, siyazi uJesu wazethembisa lezizinto. Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, kuyakubanjalo uma Ifika." Siyazibona lezizinto zenzeka.

104 Ubonani uma ubheka na? Ubona, ucabanga ngesifundo esiphathelene nezinganekwane, noma—noma ubona uhlobo oluthize loku—lokufunda umcabango, noma ucabangani, njengoba benza emuva lapho na? AbaFarisi baMbheka, bathini na? "Lomuntu unodeveli." Abantu abafanayo bebheka kuMuntu ofanayo, izidalwa ezingabantu: omunye wabona iNdodana kaNkulunkulu, iZwi eliqinisekisiwe elithenjisiwe; nomunye wakubiza ngodeveli. Ubonani na? Ubhekani namhlanje uma ubona amandla kaMoya oNgcwele eshwibeka endlini, egcwalisa isithembiso saKhe ukuthi ngalezizinsuku zokugcina Uyokwenzani na? Ubonani uma ubheka na? Uma ubona iZwi

likaNkulunkulu liqinisekiswa, khona-ke nguMoya oNgcwele kaNkulunkulu. Yebo, mnumzane.

105 UNatanayeli wabona iZwi elithenjisiwe ayeliphilele, ukubona isithembiso esigcotshiwe senziwa inyama. UMose, umprofethi, wayesho njalo. LowoMose, umprofethi ogcotshiwe, wayethembise leloZwi.

Owesifazane emthonjeni, ngoluny'usuku.

106 Abantu abaningi babeMalile. AbaFarisi nabaSadusi babeMbize ngo "develi." Bathi, "Wenze lokhu ngokubhula. Wayewumoya omubi. Wayehlanya. Wayengenandawo angaya kuyo; yilokho okwakuyinkathazo ngaYe, ukuthi nje Wayengu—ngumuntu oyimbuka."

107 Kwenzekani na? Kwenzekani na? Wedlula ngaseSamariya, nomuzi waSikari. Futhi ngenkathi Ephumela lapho, ngoluny'usuku, futhi wahlala phansi phezu kwe—kwendawana ebonakala sikhathi sinye lapho. Kwakunowesifazane owaphuma ukuyokha amanzi okuphuza, futhi wathi. . .Futhi Wamuzwa. Wezwa iphimbo lithi, "Ngiphuzise, sifazane." Futhi U. . . Wabheka ngale, wabonani na?

108 Kuqala, akakuqondanga. WaMbuza. "Akusilo isiko kini maSamariya uku—ukucela, noma nina baJuda ukucela amaSamariya into enjalo."

Wathi, "Kodwa, sifazane, ukuba bewazi ukuthi uBani obukhuluma kuye!"

109 Manje khumbulani, kwakukhona ukuKhanya okuncane, imbewu yokuPhila ihlala lapho, yayikade imiselwe ngaphambili kusukela ekusekelweni kwezwe. WayeKubhekisisile. Wayesekhathele yiyo yonke isayense yabo yezenkolo nezinto ababezishilo. Kodwa wayebhekisise into ethize, ngoba wayazi ukuthi kwakuza uMesiya.

Wayesethi, "Hamba ulande indoda yakho futhi uze lapha."

Wathi, "Anginayo."

Wathi, "Ukhulume iqiniso. Ubunayisihlanu."

110 Ngokushesha, leyombewu encane yaqhumela ekuPhileni. Wabonani na? Wabona isibonakaliso sikaMesiya, kuMuntu. Wabona iZwi elithenjisiwe libonakaliswa. Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Kade singenaye amakhulu eminyaka. Siyazi ukuthi sithenjiswa ukuthi uMesiya uyeza, futhi, nxa Efika, Uyositshela lokhu. Yilokho Ayokwenza." Niyabo? Wabonani, wabonani na? Wabona isibonakaliso esasithenjiselwe lolosuku, sibonakalisiwe.

111 UMoya oNgcwele uthenjiselwe lolusuku, amandla okuvuka kwaKhe, iBandla, ukuthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." UJesu wethembisa, "Lezizinto engizenzayo Mina nani niyakuzenza." Ubhekani uma ubona na?

112 Uma uya eSontweni ngesonto ekuseni, ubheka iogani enhle, umfundisi ogqoke kahle, ikhwaya efake izingubo ezinde, isigejane sabesifazane befake upende na? Ubhekani, uhlobo oluthize lomphakathi emabandleni na? Ungowa*leli* na*lelo*. Ubhekani na? Lokho kumayelana nokuthi ubonani. Lalela lapha. Akumangalisi, uma uphethe iVangeli elendlalekile, futhi ubona uMoya oNgcwele ungena futhi uLibonakalisa phakathi kwesigejane sabantu abayifeshini endala, kungokwakwelinye izwe kuwe, kul'khuni kuwe ukuba ukholwe.

113 Njengoba ngasho ngobunye ubusuku, ngoJosefa, "Kwakul'khuni kuye ukucabanga ngoMariya ekhulelwe. 'Ubengaba kanjani yilokho, owesifazane omncane ongcwele kanjalo, futhi uthe uvakashelwe nguGabriyeli na?'" Kodwa kwakungokungejwayelekile kakhulu. Kwakungokungejwayelekile kakhulu ngento enjengaleyo. Yayingakaze yenzeke ngaphambili.

114 Yilapho uNkulunkulu akha khona, kokungejwayelekile, emqondweni wenyama. Kodwa labo abaMkholwayo ukuthi unguye izolo, namuhla, naphakade, zonke izinto ziyenzeka. Lonke izwi Alethembisa lizogcwaliseka. Kuyizinto ezingejwayelekile eMenza uNkulunkulu. Uya kwabangejwayelekile. Wenza yonke into ngokungejwayelekile kubantu. Yebo, mnumzane. Kulungile.

115 Owesifazane waMbheka, futhi wabona isibonakaliso sikaMesiya, uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni. Abaningi, abantu abafanayo, babheka futhi abangabona lutho.

116 Abangakholwa ezinsukwini zikaNowa, babonani na? Uhlanya, lwenza isiphosiso ngalokho elalikubiza ngesikebhe. Yilokho kuphela abakubonile. Kanti, sona impela isikebhe qobo lwaso sakhiwa ngombono ovela kuNkulunkulu uSomandla. Yona impela into ayeyikhanda, umlayezo wakhe ayewushumayela, wayakha ngomlayezo wakhe, efakaza ukuthi wayelungile futhi wayebheke phambili. Wakuphila ayekushumayela.

117 Yilokho esifanele sikwenze namhlanje. Akukho muntu onelungelo lokushumayela aze ukuba usegcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kunjalo! Osiyazi bezenkolo nabesayense yezibalo, kanjalonjalo, bangaKuchaza konke bakuchezukise kuwe. Kodwa uma umuntu eke waze waba kwingemuva logwadule, kuleyondawana engcwele, futhi wahlangana noNkulunkulu njengoba kwenza uMose, akukho muntu ongakususa lokho kuye. Uyazi! Nguye owayelapho. Akukho muntu ongamtshela noma yini ngakho. Wayelapho. Yingalesosizathu uJesu ayala abafundi baKhe, "Ningashumayeli nize nenyukele emzini waseJerusalema futhi nemukele aMandla avela Phezulu, khona-ke niyakuba ngofakazi baMi." Yilokho abakubonayo. Yebo, mnumzane.

118 UNowa. Ababonanga lutho; benzani emva kokwenza lokho na? Bashaya indiva iZwi likaNkulunkulu futhi baletha ukwahlulelwa phezu kwabo uqobo. Lokho kuyikho.

119 Ngisho, kanye noJack Moore, ngingacaphuni yena, kodwa ngisho lokhu, ngokuba ngicabanga ukuthi sekufanele manje. UJack Moore wathi, "Uma uNkulunkulu engayicwilisi iMelika futhi ayishise iphele, Uyodingeka avuse iSodoma neGomora futhi axolise ngokubashisa." Futhi lelo yiqiniso.

120 UNkulunkulu ulungile. IZwi laKhe linomvuzo olungileyo, futhi ngempela Uyokwehlulela izwe ngesenzo salo sokuphikisana neZwi laKhe namhlanje. Akunandaba ukuthi sinemibuthano emingaki, ukuthi sinemibuthano yezenkolo engakanani, lokho akusikho. LeliZwi!

121 Bhekani, azisekho ezinye izikhathi zezenkolo kunanoma kwakunjalo ngosuku ukuthi ngenkathi uJesu efika emhlabeni, o, yonke into yagwinywa lombolozi enkolweni nasesikweni, futhi konke kuyiphutha!

122 Kwakunjalo nangenkathi uAmose, omncane, umshumayeli okhanda limpunga; asazi ukuthi uvelaphi. Amehlo akhe amancane amabili ancipha ngenkathi enyuka enqamula igquma wayesebheka ezansi eSamariya. Kwakungumuzi omkhulu wezivakashi, njengePhoenix. Abaningi babantu bavela ezweni lonke, ukubheka, ukubheka kulomuzi omkhulu, ukuthi wawumuhle kanjani. O, yonke into yayiqhubeka, amanayithi-klabhu nendawo yangempela yokutamasa, "indawo yokuhlala," basho. Kodwa ngenkathi lomfana ongumlimi omncane, washaywa nguMoya oNgcwele, wehla edabula lapho, wayengenamuntu ongahamba ngaphambili futhi enze amalungiselelo emihlangano yakhe, wayengenamasayini amisiwe, kungekho-hlelo lokuzihlanganisa naye, kumbe namuntu wokumeseka. Kodwa ngenkathi enyuka enqamula igquma futhi wanciphisa lawomehlo amancane, lapho ebheka phansi phezu kwalowomuzi, wabona into okwakungekho namunye wabo ayibonayo. Bonke babebone ukutamasa nezinto zomuzi. Kodwa wabona ukwahlulela kukaNkulunkulu okusalindile, futhi waprofetha waphikisana nakho. Bambiza ngo "hlanya." Kodwa eminyakeni eyishumi nanye kamuva, konke kwenzeka ngayo impela nje indlela asho ngayo.

123 Umuntu ongabheka phezu kwebandla indlela elihamba ngayo namhlanje, nabantu indlela abahamba ngayo, futhi abikezele izibusiso enkathini ezayo na? Ngibikezela ukwahlulelwa, lokho kuphela. UNkulunkulu olungileyo udinga ukwahlulela, ngokushaya indiva iZwi laKhe. Ulungile ekuzeni futhi aLikhombe phambi kwethu, nokuLenza libe ngeliqinisile. Kodwa uNkulunkulu olungileyo, kuyoyonke iminyaka, Angeliguqule icebo laKhe. Akaliguquli neze icebo laKhe. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Izindlela zaKhe ziyafana.

IZwi laKhe liyafana. Konke, Uyafana. Ugcwele isihawu uma umuntu eselungele ukuphenduka, kodwa ukwahlulela kuzolandela uma ungaphenduki.

124 UFaro, ngenkathi ebheka phezu kwalokho, nokubizwa ngohlanya, okubizwa ngomprofethi owuhlanya, nezisho eziningi zokukhululwa, yilokho kuphela akubonayo. Kodwa abakwa Israyeli babona isandla sikaNkulunkulu phezu kukaMose. Yebo, mnumzane.

125 Isicebi sabheka futhi sabona, sasinamandla okukwenza, kodwa inhlangano yaso yayinkulu kunalokho esasingedlula kukho ngaLo. Kuphi ukubheka kwaso okulandelayo na? Sabheka sesisesihogweni. Kunjalo impela. Ukwahlulelwa kufika kuso. Leso kwakuyisikhathi esilandelayo esabheka ngaso. Kuzobanjalo ngabantu abaningi namhlanje.

126 Ibutho elingumRoma lathi ukubheka, ngesinye isikhathi, ngenkathi bebethela uJesu. Labheka ukuba libone ukuthi Wayenzeni, kodwa isikhathi sasesidlule kakhulu ngaleyonkathi.

127 Bangani, iMelika izokwenza lokho, nayo. Bazobheka ngolunye usuku, bese bethi, "Ngempela leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu," kodwa siyobe sesedlule kakhulu isikhathi. Babehlekile futhi bahlekisa okokugcina.

128 Lalingabheka kuphela futhi libone ukuthi ikuphi lapho elalingasindiswa khona, kodwa isikhathi sasesedlule kakhulu ngaleyonkathi. Lalibethele iNkosi yokuPhila.

129 Futhi izikhathi eziningi, namhlanje, abantu baxosha uJesu Kristu ezinhliziyweni zabo, uma beMbona eqinisekisa ngokucacile ukuthi UnguBani, khona impela phakathi kwethu. Yebo, mnumzane.

130 UPilatu wathi ukubheka, ngolunye usuku, futhi weneliseka, kodwa ezombusazwe zakhe kwakukukhulu kakhulu. Akakwazanga nje, akakwazanga ukusukuma kukho.

131 ULuther wathatha ukubheka, futhi wabona ukulungisiswa. Wahamba nakho. Base-ke behlela.

132 UWesley uyafika, wabona ukungcweliswa ngenkathi ebheka uKristu, ukuthi ibandla lifanele lingcweliswe. Futhi waqhubeka waqonda noku sanct-. . .

133 IPhethekoste liyafika futhi labona ukubuyiselwa kweziphiwo. Benzani bonke na? Impela nje njengoba kwenza iKatolika, balihlela, balibuyisela ngqo emuva futhi.

134 O Nkulunkulu! Ngolunye usuku ngathatha ukubheka, futhi, ngenkathi ngenza, ngabona uAlfa noOmega. Ngabona ukuQala nokuPhela. Ngabona uJesu Kristu onguyena izolo na . . . ngabona uMxoleli wesono sami. Ngibone omunye Owathatha indawo yami. He!

Ubonani uma ubheka na?

135 Ngibheka ngqo manje umngani wami omdala, uBill Dauch, ehlezi lapha. Indoda isiya eminyakeni engamashumi ayisishiyagalonye-nambili ubudala. Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, kungekudala, njalo, cishe ezinyangeni eziyisithupha ezedlule, wayenokumelwa yinhliziyo ngqi nokuhlaselwa yinhliziyo, kanye kanye.

136 "Udokotela uthi uyafa." Umkakhe wangibiza phezulu wayesethi, "Mfowethu Branham, fika. Uyafa. UBill ungumngani wakho."

Ngase ngithi, "Kulungile, ngizokwenza."

137 Futhi sengisendleleni yami ngenyukela endaweni yakhe, ngangikhuleka. "Nkulunkulu, ngiyakuzonda ukuyomtshela ukuthi 'uhambe kahle.' Ngiyazi uma nje ephilile ngize ngifike lapho, ukuthi ngingamtshela ukuthi 'uhambe kahle.'" Phansi kwe oksigini, ukuma kwenhliziyo ngqi, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolune-nanye ubudala. Ngaphumela ngaphandle kwesiteshi esithela upetroli, ngase ngibheka, futhi, ngenkathi ngenza, ngabona uBill ehla ngomgwaqo futhi wangixhawula.

138 Nangu uhlezi kulobubusuku. Udokotela owamtshela lokho, usefile. Futhi nangu uhlezi uBill Dauch uqobo lwakhe, waseLima, eOhio, eshayela ehla edabula emvuleni eneqhwa neqhwa, elandela yonke imihlangano engiya kuyo. Ngani na? Sabheka; sabona into ethize. LowoNkulunkulu ofanayo engikhulume ngaye izolo ebusuku, ngaleya eColorado, ngesikhathi sesiphepho, ngabheka, ngabona ukuthi Wayenguyena izolo, namuhla, naphakade.

139 Nakhu kuhlezi uMnu. Way, iNgisi, uhlezi lapha eceleni, khona lapha manje, nimqaphelile nje ehlezi lapha. Uvela eIndiana. UyiNgisi. Umkakhe uyi—yinesi elirejistiwe. Indoda ekahle! Ngolunye usuku, ngakhuluma kuye. Ngangishumayela emhlanganweni, wacasuka ngengakushoyo, enhliziyweni yakhe, futhi, ngenkathi enza, waqimuka wafa khona ezethamelini. Lapho wafa. Umkakhe wambamba wayesemphatha; amehlo akhe, ubuso baphenduka babamnyama, amehlo akhe... kungafakiwe, amehlo akhe aqhunsuka futhi abuyela emuva kwingemuva lekhanda lakhe. Ngathi, "Yimani nithule." Ngambheka phansi lapha, ngase ngicabanga, "O, nakho kulele leyondoda, ifile."

140 Ngehla, ngabeka izandla zami phezu kwakhe, wayesebanda nje njengoba linjalo lelodeski. Wayengasekho. UNkk. Way wathi, "O, Mfowethu Branham, akasekho! Akasekho." Edazuluka ngalolonke iphimbo lakhe.

141 Ngabheka le. Ngabona ukuvuka nokuPhila. Ngakhuleka umkhuleko uJesu angitshela ukuba ngiwukhuleke, futhi uMfowethu Way wavuka. Nangu uhlezi khona lapha

kulobubusuku, wenyuka evela kwabafileyo, uhlezi khona lapha kulobubusuku.

142 Kunjalo, Mnu. Way, uma nje uzosukuma umzuzu nje, ukuze abantu bezobona. Futhi nangu uBill Dauch ehlezi *lapha*.

143 Kuyini na? Ngoba sibheka kuYe Ofanayo owavusa uLazaru, Uyafana njengoba wayenjalo. Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Yebo, Akaguquki.

144 Nakhu kuhlezi umshumayeli omncane uhlezi lapha phambi kwami, ogama linguBlair. Umfana wakhe omncane wayesengozini ngolunye usuku, nomkakhe ehlezi lapho, besula amehlo abo manje ezinyembezini. Bangibiza kuthelefoni ezansi lapho, wayesethi, "Mfowethu Branham, umfana wethu omncane wayesemotweni futhi wagijima phezu kwegquma, futhi ubondekile, waxukuzeka ubuchopho bakhe, nayoyonke into. Akasekho, usethi nje; usecishe ukungaphefumuli nje." Wathi, "Ungakhuleka na?"

Ngathi, "Asikhuleke."

145 Ngase ngiqala, kwakubukeka, lokhu efonini, futhi ngaqala ukukhuleka. Ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, yini engingayisho kubo na?" Ngibone umfana omncane ehamba, egijima futhi eqa ingqabeshu, egijima ehla kanjalo. Ngathi, "Uzosinda." Futhi nangu kulobubusuku futhi. Futhi nampa bahlezi lapha. Ngani? Ngoba uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

146 Bhekani! Bhekani! Nibonani uma niMbuka na? Ngibona umphilisi ofanayo. Amen. Ngibona Ofanayo owahamba eGalile. Ngibona Yena emandleni aKhe. NgiyaMbona ehlulela imicabango nezimfihlo zenhliziyo, ukubonisa—ukubonisa isibonakaliso ngaphambi nje kokuphela kwesikhathi. Besingedlula kanjani kulezizethameli nasezizweni zonke, sisho ukuthi Uyini namhlanje!

147 Niyazi ukuthi ngicabangani na? Njengenigro elidala lasho ngesinye isikhathi, ngesikhathi zezigqila. Ngolunye usuku, liyafika, lathi, "Uyazi, i . . . sengikhululekile manje." Ngakho lifanele lisho phakathi kwezinye izigqila, nezigqila zathi . . .

148 Futhi kwabuyela kumnikazi. Nomnikazi wathi, "Ngena lapha, Sam." Wathi, "Yini leyo oyikhuluma phakathi kwezigqila phandle lapho na?"

Sathi, "Basi, ngikhululekile."

Wathi, "Ukhululeke kanjani na?"

149 Sathi, "Ngikhululekile emthethweni wesono nokufa, ngokuba uJesu Kristu ungikhululile."

Wathi, "Sam, uqinisile ngalokho na?"

Sathi, "Yebo."

150 Wathi, "Ngizokwehla bese ngisayina ukukhululwa kwakho, futhi ngikudedele uhambe utshele abazalwane bakho ngalokho."

151 Indoda endala yashumayela iminyaka ngeminyaka. Ekugcineni, ngolunye usuku, ifika emnyango wayo, yadingeka ihlukane nalokhu kuphila. Futhi ngenkathi isalele embhedeni wayo, iqulekile izinsuku ezimbalwa, abaningi abazalwane bayo abamhlophe bayafika uku—ukuzoyibona, bayivalelise, ngoba yayikade iyisotsha elidala eliyiqhawe likaKristu. Isalele lapho embhedeni, yaswanguluka, yaqalaza, yayisithi, "Mose, awu, noma . . . "

"Sam, awukashoni namanje?"

152 "Qhabo." Wathi, "Ngidingeke ngibuye." Wathi "Bengicabanga ukuthi besengilapho." Wathi, "Cishe ukuthi bengi—ngi—ngikuphupha." Wathi, "Bengicabanga ukuthi bese ngilapho. Futhi ngenkathi ngimi lapho," wathi, "iNgelosi . . . Bengisanda kuthathwa nje emnyango, futhi," wathi, "iNgelosi iyenyuka yayisithi, 'Sam, woza uthathe umqhele wakho, futhi woza uthathe ingubo yakho ende.'"

153 Wathi, "Ungakhulumi kimi ngomqhele nengubo ende, ngidedele nje ngime lapha futhi ngiMbheke iminyaka eyisigidi." Wabona kuYe Lowo owayemkhulule esonweni nasekufeni. Wabona lapho Lowo owanamathela kuye ebuhleni nasebubini. O Nkulunkulu!

154 Ngokunye ukusa, ngangilele embhedeni wami. Ngangivamise ukuba ne . . . Niyawazi umlando wempilo yami. Nganginenja endala, sasiyibiza ngoFritz. Yangithumela esikoleni; izikhumba zezinyamazane ama opozamu, nezinto. Awu, ngangivamise ukuyithatha njalo ekuseni. Ngangivuka, ngiqonde esitezi phezulu, endlini yezingodo endadlana, ngangiyizwa ikhonkotha ezansi le engoxeni. Ayizange iqambe amanga kimi. Njalo ngangiya kuyo; yayinokuthize engiphathele khona.

155 Niyazi, ngokunye kwalokhu ukusa, ngizoyizwa ikhonkotha laphaya emgedeni. Ngifanele ngiwele futhi ngibone ukuthi itholeni. Kuzoba kahle.

156 Lalela, mfowethu, ake ngikutshele. Yinye kuphela into yokuba uyibheke uma ubona uJesu Kristu, kungukuthi bona uNkulunkulu kuYe, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngikholwa ukuthi Ulapha, kulobubusuku, ukusenzela okufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, njengoba sikhuleka. Khulekani!

157 Ngabe ukhona oyedwa phakathi lapha, kulobubusuku, ongathi, "Mfowethu Branham, cela uNkulunkulu abe nesihawu kimi. Ngifuna ukubheka futhi ngiMbone ehlukile. NgiMbhekile

futhi ngaqagela. NgiMbhekile futhi ngamangala. NgiMbhekile futhi ngabuza. Ngempela, ngabe Unginakekele na? Ngabe Uyangithanda na? Ngabe zonke lezizinto eshiwo ngaYe, ngabe iyiqiniso na? Ngifuna ukwazi uma iyiqiniso. UngaMcela ukuba akwembule kimi kulobubusuku na?" Ungasiphakamisa isandla sakho na? INkosi ikubusise. Lokho kuhle. Ndawo zonke.

158 Nkosi eligugu kuningi kakhulu okulotshwe ngaWe. Siyazi ukuthi Unguwena izolo, namuhla, naphakade. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi, kulobubusuku, uma sibheka, ukuthi sizobona uJesu Kristu. Wena wethembisa eZwini laKho, ukuthi, imisebenzi Owayenzayo, nathi siyoyenza. Wethembisa, ngezinsuku zokugcina, ukuthi Uyobuyela lapha emhlabeni, ngesimo sikaMoya oNgcwele, ibandla liyogcwala amandla, uMoya oNgcwele. Wathi, "Kuseyisikhashana, futhi akuyikulisiza izwe ukubheka, ngoba abayikuLibona. Kepha nina niyakuLibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekuphelelisenі."

159 Nkosi Jesu, ngenkathi lisekhona ithuba lokuba umuntu abheke, kwangathi bangabheka kulobubusuku futhi baMbone emandleni okuvuka kwaKhe. Akafile, kodwa Uphila kuze kube phakade, ulungele ukwenza ukunxusela kulabo asebelungele ukuMvuma. Siphe khona, Nkosi. Futhi kwangathi zonke lezizicelo, esiceliwe, singanikezwa. Baba, yipha lezizinto, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

160 Manje sekuyisikhathi somkhuleko wabagulayo. Nginikhulekele; kholwani ukuthi uNkulunkulu uzophendula.

161 Manje, ngikholwa ukuthi uBilly uthe ukhiphe amaningi amakhadi omkhuleko. Bekungo B na? O B. Kulungile. Asinaso isikhathi; ngiseqe kancanyana isikhathi; ngithetheleleni. Nginemizuzu embalwa nje. U B, kukuphi lapho esi—kukuphi lapho esishiye khona, kuwo, izolo ebusuku na? Sishiyephi, sishiyephi izolo ebusuku na? [Omunye uthi, "Sibathathe bonke."—Umhl.] O, sibathathe bonke na? Sizoqala nje ku B, wokuqala, khona-ke. Kulungile.

162 Owokuqala, ubani . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . owesithathu, owesine, owesihlanu.

163 Umuntu akabhekisise manje. Yehlela lapha, Billy, abanye benu, ngokushesha impela, ngoba asinaso isikhathi manje. Nje si . . . futhi ngingathathi isikhathi. Ngezinye izikhathi bayizithuli futhi abezwa, futhi, noma mhlawumbe abakwazi ukusukuma, noma okuthize. Uma benjalo, ngani, si . . .

164 Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. Kulungile, wozani phambili lapha, uma nithanda. Kunowokuqala, owesibili, owesithathu, owesine . . . Nakho-ke. Ngiyaxolisa, mnumzane. Owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi, bamise manje. Owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili,

omunye manje, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi. Owesishiyagalombili, owasishiyagalolunye . . . Kulungile. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu . . . owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi. Kulungile, oweshumi kuya koweshumi nanhlanu, sukumani; ko B, awu, yilokho kuphela amakhadi elikhishiwe. Ishumi nanhlanu, kulungile, oweshumi nanhlanu kuya emashumini amabili, sukumani. Owokuqala kuya kowamashumi amabili, emakhadini omkhuleko, thatha indawo yakho *ngapha*. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi, oweshumi-nanye, oweshumi-nambili, oweshumi-nantathu, oweshumi-nane, oweshumi-nanhlanu, oweshumi-nesithupha, oweshumi-nesikhombisa, oweshumi-nesishiyagalombili, oweshumi-nesishiyagalolunye. Nakho-ke. Amashumi amabili kuya emashumi amabili-nanhlanu.

165 Bangaki ongenalo ikhadi lomkhuleko na? NisaMkholwa. Beseza, bethatha indawo yabo, ngenkathi lawomashumi amabili-nanhlanu li, amashumi amabili-nanhlanu okuqala liza, ake nginibuze. IBhayibheli lasho, eNcwadini yamaHeberu, ukuthi “UJesu Kristu ungumPristi wethu oMkhulu.” Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Lo onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Ngabe sizohlala, kulolusuku, olufiphele; futhi sibone umPristi wethu oMkhulukazi Ezazisa phakathi kwethu, bese kuthi-ke sihlale njengezinkomo eziqhutshwayo eziyizimungulu na? Qhabo, mnumzane. Masisukume futhi senze, ngenhliziyo nganoma imuphi umbango. Singabi njengezinkomo eziqhutshwayo eziyizimungulu. Yiba yiqhawe! Nina bantu bhekani ngapha futhi nikholwe. Bhekani emBhalweni, Akwethembisa. Kulungile.

Asizukuthatha sikhathi, sizoqala ngqo emgqeni womkhuleko.

Asikhuleke futhi.

166 Nkosi Jesu, sekusezandleni zaKho manje. Ngisezandleni zaKho. Nkosi, thatha iZwi Owalisho, “njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma,” lo engibhekise kuwo kulobubusuku. Wena wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, ngenkathi Ukhuluma kubafundi baKho ngokumuka, Wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naYe uyakuyenza.”

167 IBhayibheli lasho ukuthi, “UNkulunkulu, emandulo nangezikhathi ezehlukene wakhuluma kubaprofethi, noma, wakhuluma kobaba ngabaprofethi; ngalolu izinsuku zokugcina ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu.” Futhi UyiZwi. Siyazi ukuthi abaprofethi bafika, uMoya ufika phezu kwabo futhi wenza leloZwi liphile lalesosizukulwane; waqalekisa amakhosi,

wangenisa ukwahlulela, wakhipha abalungileyo, wasindisa abalahlekileyo; abaprofethi iZwi eliza ekubo.

168 Manje ngalolusuku lokugcina, Nkosi, Wethembisa. Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," uAbrahama esahlezi lapho ekushiseni kosuku, elincane, iBandla elibizelwe ngaphandle. Sibheka phansi ngapesheya kwezwe namhlanje, Baba, sibona iSodoma ncamashi, owezizwe uphendukezelwe, usivivi. Futhi sibona lezizingelosi ezintathu zibonakala phambi kukaAbrahama.

169 Ezimbili zazo zehlela ebandleni elisivivi, uLoti, ukuzama ukubabizela ngaphandle. Ezimbili zehlela lapho, uBilly Graham wesimodeni, ukubabizela ngaphandle; akukho zimangaliso, kuphela baphuphuthekisa amehlo abo. Ukushumayela iVangeli kuyakwenza lokho.

170 Kodwa kwakukhona Oyedwa owahlala phezulu lapha eqenjini likaAbrahama, efanekisa abakhethiweyo, ababizelwe ngaphandle, lelo lalingekho eSodoma; lazalwa, ngaphandle kweSodoma, iBandla leqiniso, inzalo kaAbrahama yanamuhla. Futhi ngenkathi leNdoda, ekhulume kubo, yathi, "Uphi uSara, umkakho na?"

Wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

171 Wayesethi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila." Futhi wahleka.

172 Wathi, "Uhlekeleni na?" Ehlulela lokho ayekusho futhi ecabanga ngaphakathi kuye, Efulathele ithende lapho ayekhona.

173 UJesu waseNazaretha, iNdodana kaNkulunkulu, isitshelile eZwini laYo, "Njengoba kwenzeka ngalowomuhla, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

174 Futhi kuyinto exake kabi, Baba, ukuthi akaze abekhona umguquli, kuyoyonke iminyaka, owehlele eSodoma, enegama eligcina ngo "h-a-m," kuze kube namhlanje. Inceku yaKho, uBilly Graham, ezansi eSodoma enza umsebenzi wakhe.

175 Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzosindisa iNzalo kaAbrahama elapha kulobubusuku, bagcwalise ngoMoya oNgcwele weNdodana ethenjisiwe eligugu. Masinya emva kwalokhu, uNkulunkulu owabonakaliswa enyameni wenza lesisibonakaliso, khona-ke indodana ethenjisiwe yafika enkundleni. Nkulunkulu, kade siYibhekile iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, iNzalo kaAbrahama. Abaningi balele; lona ngumlindo wesikhombisa, sibheke ukumemeza ukuba kufike noma ngasiphi isikhathi, "Bheka, uMyeni uyeza."

176 Siphe khona, kulobubusuku, Baba, ukuqonda okuningi kwabantu kuzovuleka, ukuthi bazobona ukuthi lesisibonakaliso sethenjiswa, ngaphambi nje kokufika kweNdodana. Futhi, njengenyoka yethusi yayifanekisa uKristu, yenze njalo

nendodana ezayo nesibonakaliso sokufika kwayo (kokwemvelo) ifanekisa eyokomoya, okukaJesu ozayo namhlanje, iNzalo kaAbrahama yobuKhosi. Siphe khona, Nkosi. Sikucela eGameni likaJesu, njengoba sizinikela kuWe. Amen.

177 Ngithanda ukusho into eyodwa ngaphambi nje kokuba sikhulekele abagulayo. Abantu abaningi banomcabango ongesiwo mayelana nesiphiwo. Isiphiwo asiyona into uNkulunkulu akupha yona ukuba uphume bese uthi, "Nasi, ngizoya ngapha bese ngicosha *lokhu*, futhi ngizothatha lokho futhi ngizokwenza *lokhu*." Leso akusiso isiphiwo. Abantu abaningi kakhulu bacabanga lokho, kodwa bafakwe umcabango ongesiwo. Isiphiwo sikaNkulunkulu singukwazi nje ukuthi uzidedisa kanjani wena endleleni ukuze uNkulunkulu akwazi ukukusebenzisa, yilokho kuphela isiphiwo esiyikho. Niyabo? Inqobo nje uma ukuwe uqobo . . .

178 Akashongo yini uJesu, qobo lwaKhe, "INdodana inga . . ." UJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwayo." Wedlula ngakulelochibi lapho bonke labo abakhubazekileyo wayekhona, futhi waphilisa umuntu oyedwa owayenenkathazo yokungabi namandla, noma okuthize (isifo) evimbeleka. Wathi "INdodana ingenze lutho ngokwaYo; kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza." "Akusimina," Wathi, "owenza imisebenzi; nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza iMisebenzi."

179 Manje, nina bantu nihlezi khona lapho, ningalokothi nibheke noma yimuphi umuntu. Bhekani kuKristu; NguYe. Kodwa Wethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Wayezozibonakalisa Yena uqobo enyameni yomuntu, njengoba Enza lapho eSodoma. Manje inyama yakho, inyama yami, asivule izinhliziyo zethu nje futhi sisuse ukucabanga okungokwethu, futhi nje sidedele iZwi lithathe indlela yaLo, kulobubusuku, kithi, khona-ke sizobona iziphiwo ezinkulu zikaNkulunkulu zoMoya waKhe zibonakaliswa phambi kwethu.

180 Thobani ngempela. Kungasuki-muntu. Thulani ngempela futhi nikhuleke. Ngiqinisekile ukuthi niyathokoza.

181 Futhi uma ekhona noma ubani lapha ocabanga ukuthi leli yihlaya lokukhohlisa, nginiphosela inselelo ukuba nize emsamo. Noma ubani! Manje-ke, uma nesaba ukukwenza, ningasho lutho ngakho.

182 EGameni likaJesu Kristu, ngithatha bonke omoya abaphakathi lapha, babe phansi kokulawula kwami, ukumemezela iZwi likaNkulunkulu.

183 Nasi isithombe kulobubusuku, njengesahluko sikaJohane oNgcwele 4. Owesilisa nowesifazane bahlangana ndawonye, ngithemba ukuthi okokuqala. Angikwazi. Mhlawumpe wena uyangazi, ngamaphepha ne—nenzwabethi, kodwa angikwazi. Uyakwazi lokho. Siyizihambi komunye nomunye, njengeNkosi

yethu yahlangana nowesifazane kanye emthonjeni; owesilisa nowesifazane behlangana, bexoxa.

184 Kodwa uma ngiza njengomunye wabanye babazalwane bethu, ngithi, "UNkulunkulu wangipha isiphiwo sokuphilisa, . . ."

185 Niyazi ukuthi isiphiwo sokuphilisa siyini na? Ukukholwa ekuphiliseni. Niyabo, ukhulula ukukholwa kwakho nje, ukuba ukhulekele omuny'umntu, yilokho kuphela isiphiwo sokuphilisa esiyikho. Wonke umfundisi ufanele abe naso, wonk'umuntu, niyabo, ufanele abe nesiphiwo sokuphilisa. AMandla akuphilisayo angaphakathi kuwe, uMoya oNgcwele, ufanele nje uWadedele asebenze indlela yaWo yokuphuma. Yilokho kuphela.

186 Njengokuphila nje okusesihlahleni. Awudingi ukuba uthululele ama apula esihlahleni, ukusenza sithele ama apula. Sitshalwa nje emhlabathini, futhi siyaphuza futhi siphushele ngaphandle.

187 Awu, yileyondlela owenza ngayo uMoya oNgcwele. Ungaphakathi kuwe. Uvele nje uphuze emthonjeni kaJesu Kristu ongaphelelwa amandla, futhi Uphushela ngaphandle izithelo zikaMoya. Niyabo?

188 Manje ngimi lapha, ngingakwazi. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Uyisihambi uqobo.

189 Manje uma ngihambile ngase ngibeka izandla phezu kwakho, ngase ngithi, "Dade, uzosinda." Ubungakukholwa lokho, nalokho bekungaba kahle. Kodwa manje uma Efika . . . Uyabo, lezo kwakuyizinsuku ezedlulayo, emuva ezinsukwini zePentecostal.

190 Siphila ngaphambili kwalokho manje. Singaphambili le kwePhentekoste, ngokufanayo njengoba siyiMethodisti neLuthela. Siya phezulu le ekufikeni kweNkosi, lapho inkonzo uJesu Kristu ayisebenza, qobo lwaKhe, izofanele ithi ncamashi. Njengenhloko yetshe esivivaneni, sizofanele silolongeke kakhulu kuze kuthi onke amatshe enele ngokuphelele. Nebandla lizofanele lingene kulesosimo ukwemukela itshe eliyiNhloko, bese-ke lithatha yonke into ekuvukeni, uma uMzimba usuvuswa.

191 Uyakukholwa lokho na? Uyakholwa ukuthi lezizinto engikutshela zona ziyiqiniso na? Uyakholwa na? Uma iNkosi uJesu izongitshela into ethize oyenzile, into ethize obungafanele uyenze, into ethize engalungile ngawe, kumbe noma kungahle kube yini, ezezimali, ezasekhaya, angazi; noma ngabe kuyini, uzongikholwa, uzokwenza, ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

192 UngumKristu. Uyabo, ngikhulume kuwe ukuba nje ngithole umoya wakho. Uyabo, yileyondlela Enza ngayo emthonjeni; Wathi, "Ngiphuzise." UngumKristu. Uyikholwa.

Kunjalo. Hhayi ohamb'ecela ulifti; ikholwa! Kulungile. Inkathazo yakho, inkathazo yakho enkulu, isentanyeni yakho. Kwingemuva lentamo yakho, uneqhubu, naleloqhubu likunikeza ingcindezelo. Lona amehlo akho, kanjalonjalo. Kunjalo na? Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo. Uma uzokukholwa, kuzosuka. [Udade uthi, "Yiqiniso lelo."—Umhl.] UNkulunkulu akubusise. Hamba manje.

193 Sawubona, mnumzane? Angikwazi. Siyizihambi omunye komunye. UJesu Kristu nguyena yester-. . . namuhla, naphakade. Uma ngingaziphumuza, okwenele impela ukuthi uMoya oNgcwele ungasebenzisa izindebe zami namehlo ami, njengoba nje . . .

194 Senake naliphupha iphupho na? Impela. Kunenye—enye ingxenye yakho, ufanele ungasebenzi emizweni yakho emihlanu. Uno—unokuzwa nokuzwa kancane. Ukuzwa kwakho kokuqala ku*lapha*, nokuzwa kwakho kancane ku*ngapha*. Ufanele ungasebenzi emizweni yakho emihlanu, ukuba uye *ngapha* ukuba uphuphe; kodwa uma ubuya, kuzwisisa lokhu uze ukhumbule ukuthi uphupheni.

195 Manje, ababoni, abaprofethi, ukuzwa kancane kwabo akukho *ngapha*; kukhona *lapha*. Awuphumi emizweni yakho emihlanu; uyama, umile, uphupha. Futhi ubungathi phupha . . . Bengingathi, "Ngiphuphele iphupho." Ubungeke ukwenze. Kanjalo ngeke ngakubonela umbono. Kuthatha uNkulunkulu ukwenza lokho. Kodwa, angiyi kolala ukuba ngiwubone, ngima lapha futhi ngiwubone. Leso yisiphiwo sikaNkulunkulu. Uma ngingasusa ukuzwa kokuqala endleleni, uNkulunkulu uyosebenzisa okunye ukuzwa uma ikhona into Anokuyisho. Lokho kukuYe.

196 Kodwa uma ngingahle ngikwazi ngosizo lukaNkulunkulu . . . Uma uJesu ubemi lapha efake lesudi Angipha yona, uma ugula Ubengeke akuphilisa; qhabo, Usevele ukwenzile lokho ngenkathi Efa. Kodwa angazi ukuthi uze ngani lapha. Ungumuntu nje. Sikhona lapha, sisondele eminyakeni efanayo, futhi nje—nje simi lapha emsamo, sibonana okokuqala. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangembulela izifiso zakho, noma okwenzile, noma izithiyo zakho na? Uma Engakutshela ukuthi bekuyini, Angakutshela ukuthi kuzoba yini. Uyakukholwa lokho na?

197 Angifuni ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu, kodwa ngishumayele kanzima futhi ufanele u . . . isikhathi, ukwethuka, ufanele uziphumuze ngempela, ngoba akukho engingakwenza ngaphandle uma Engikhombisa.

198 Yebo, naKhu, ukuKhanya kuza phezu kwendoda. Kulungile, mnumzane. Qhabo, mnumzane, awukho lapha ngesingawe, ulapha ngokomunye umuntu, naleyo yindodakazi. Naleyondodakazi ihlala eCalifornia, futhi ibe nengozi yemoto,

esikhathini esithize esedlule. Futhi ufuna mina . . . Umile, ukuba mina ngiyikhulekele, ngoba isalokhu ihlushwa yikho. Futhi, lalela, ake ngikutshele okuthize, leyongozi yemoto yayingekho eCalifornia. YayiseDallas, eTexas, lapho ingozi yemoto yenzeka khona. Kunjalo na? Izosinda. Ungakhohlwa, ngiyibona isuka ihamba. Kulungile, kholwa. Hamba ukholwe manje, mfowethu. UNkulunkulu akubusise.

199 Sawubona, nenekazi? Ngiyisihambi kuwe. Asazani. Siyizihambi ngokuphelele. Uya be-. . . uyakholwa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? UyaMkholwa na? Manje uma uMoya oNgcwele ungangitshela into ethize ngawe, owaziyo ukuthi angiyazi, khona-ke lokho kuzokwenza ukholwe, kungeke na? U . . . unezifo ezelakanyanayo. Unezinto eziningi, kodwa, into yakho enkulu eyiyo, uzobhekana nokuhlinzwa ngenxa yethumba, nalelothumba liseceleni kuwe. Lokho kunjalo. Kunjalo. Yilokho okuzele lapha ukuba ukhulekelwe. Uma bengingakutshela ukuthi ungubani igama lakho, ubungangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma ukholwe ukuthi bekungalunga na? Nkosazana Holman, hamba ngendlela yakho, uthokoza. Uyabo? UNkulunkulu akubusise. Kholwa manje. Ungangabazi.

200 Sawubona, nenekazi? Izihambi omunye komunye. Usemncane kunami, owesifazane nje nowesilisa.

201 Umzuzwana nje, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngempela. UMoya kaNkulunkulu usukile lapha.

202 Lendoda ehlezi *lapha*, ifake izibuko, unenkinga yokomoya emqondweni wakho. Awazi ukuthi uzokwenzenjani. Wonakele konke. Uyakholwa, futhi uzophuma usukahle. Yebo, mnumzane. Uzokwenza lokho na? Kulungile.

Hloniphani ngokuzithoba manje.

203 Nanti inenekazi elincane, lihlezi ngqo phakathi lapha, libuka *kanje*, nezandla zalo, likhuleka. Linesandla esibi elikhuleka mayelana naso. Uma uzokholwa, yebo, uNkulunkulu uzosisindisa. Angikwazi, awungazi, kodwa uthinte Into ethize. Awuzange uthinte mina; uqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi. UJesu Kristu uyakuphilisa. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

204 Uma lowo kungesuye loJesu ofanayo, umPristi oMkhulu, onokuzwelana nobuthakathaka bethu! Anikukholwa lokho ukuthi kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

205 Ngiyaxolisa, ngifanele nje ngilandele indlela Lokho okuhamba ngayo.

206 Ngiphela amandla manje, niyabo, okukodwa nje . . . Niyazi, iNkosi yethu, owesifazane wathinta ingubo yaYo ngesinye isikhathi futhi Yathi . . .

207 Ngiyaxolisa, lelinenekazi lekhaladi lihlezi lapha, likhuleka; inkathazo yenyongo, ibhiphi. Kholwa, nenekazi, kuzosuka kuwe. Amen.

208 Ngibhekile, bekunenenekazi lekhaladi elimi lapha, uyabo, ukukholwa kwalo kuKudonse kwasuka ngqo. Amen.

209 Lelonenekazi emva kwalo ngqo, linesifuba somoya. Uma uzokholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa kulesosifuba somoya, ungaba nakho, futhi, uma uzokukholwa.

210 Unesifiso esikhulu enhliziyweni yakho, naleso yi—isifiso sangokomthetho. Ufuna ingane. Nesizathu sokuthi ungabi nayo, unenkathazo yabesifazane. Nalelo yiqiniso. [Udade uthi, "Yilokho engikubeke ekhadini."—Umhl.] Kulungile, uyakholwa manje ukuthi uzo. . . ukuthi uNkulunkulu uzokupha yona na? ["Yebo. Kunjalo."] Uma iNkosi uJesu izongitshela ukuthi ungubani, uzokholwa na? ["Yebo."] Nkk. Lambert. ["Kunjalo."] Manje hamba, kukholwe. Ngabe lokho kukwenza ukholwe na? ["Amen."] Kwangathi angakwemukela, Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu.

Yiba nokukholwa!

211 Mnumzane, siyizihambi omunye komunye, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izozembula kimi izinkathazo zakho na? Uyakholwa. Awusuye owalapha. Awusuye owase Arizona. Ungowakude empumalanga: eMichigan. Lokho kunjalo. Kunjalo. Unebhiphi, ukuqina kwemithambo ethumelayo, ukuba l'khuni kokuzwa. Sekukushiyile. Buyela eMichigan, iNkosi Jesu iyakusindisa.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu!

212 Inenekazi lihlezi khona lapha, likhulekela uyise. Unesifo esiqhubekela phambili Somgudu wemizwa esihlasimulayo. Ne. . . Sengiyambona manje, futhi usibekelwe ithunzi. Akusikhona kuphela ukuthi usibekelwe ukufa, kodwa ukufa kwaPhakade, ngoba akasindisiwe. Lelo yiqiniso. Uyakukholwa ukuthi uNkulunkulu uzomsindisa futhi amphilise na? Uma unokukholwa ngokwenele ukuthinta uJesu Kristu, umPristi wethu oMkhulu, impela ungakwemukela lokho.

213 Manje ungangisiza na? Beka isandla sakho kulowo wesifazane oseduze kwakho. Ukhulekela umfowabo. Ya. Lowo mfowethu uyagula, futhi ungophuza kakhulu. Lelo yiqiniso. Kholwa nje, uzoyeka ukuphuza futhi aphile.

"Uma ukholwa, zonke izinto zingenzeka!"

214 Inenekazi elihlezi lapha, likhuleka, khona lapha phambi kwami, likhothamise ikhanda lalo. Ngiganitshela, liyakhuleka, "Nkosi, makube yimina." Inenekazi li. . . Likhulekela umngani walo, nalowo mngani usesibhedlela lapha, ebulawa ngumdlavuza; nalo uqobo, futhi. Lizokugeja. Nkk. Kelly,

sukuma futhi wemukele ukuphiliswa, eGameni likaJesu Kristu. Angikaze ngimbone owesifazane, empilweni yami.

215 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphilisa inkathazo yenhliziyo na? Uyakholwa ukuthi Uphilisa eyakho na? Kulungile, khona-ke nje qhubekela phambili, uthi, “NgiyaKubonga, Nkulunkulu oThandekayo.”

216 Kul’khuni kuwe ukuvuka ekuseni, uqhineke kakhulu ngalesosifo samathambo. Angeke kube ngaleyondlela kusasa uma nje uzokukholwa futhi uqhubeke. Yebo, mnumzane.

217 Kulungile, mnumzane. Udinga ukuthekeliswa ngegazi okusuka eKalvari, kwelapha isifo sikashukela nakho konke. Uyakholwa ukuthi Uyakwenza lokho na? Kulungile, esakho singelashwa, futhi, uma nje uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke.

218 Woza lapha. Unokwethuka, yilokho okubangela inkathazo yakho. Unesisu esinezilonda. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphilisa na? [Udade uthi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Ngifuna ukukukhombisa okuthize. Ngizokhipha iwashi lami umzuzu nje. Ukwethuka, kuthi ukuba lukhuni, kodwa ungumphefumulo okahle. Mangibe nesandla sakho. Ngifuna ukuthatha isandla sakho. Ngifuna ubuke isandla sami. Manje bhekisisa, uzobeka isandla phezu kwesami. Manje uyakubona, uyazibona izinto zigijima ngaleya, lokho okuncane okufana nokuqhaqhazela na? [“Yebo, ngiyazibona.”] Lokho yilesosilonda esiphilayo. Manje bhekisisa, susa isandla sakho, manje kubuyela emuva ngokwejwayelekile. Manje ngizobeka isandla sami phezulu lapho, akukwenzi lokho, kuyakwenza na? [“Qhabo.”] Kodwa ngizobeka isandla sakho kukho, nakho futhi. Niyabo? [“Niyabo.”] Manje kunento efanekisayo lapho, ukuthi ungabona ngempela ngamehlo akho uqobo. Kunjalo na? [“Yebo. Amen.”] Phakamisa isandla sakho ukuze izethameli zizobona ukuthi yiqiniso lelo.

219 *Lapha*, izethameli zingakubona. Beka isandla sakho phezulu lapha. Manje susa isandla sakho, nenekazi. Manje beka isandla sakho emuva phezulu lapho. Isilonda esiphilayo. Yinyama, okuthize kudla inyama. Kubangelwa ukwethuka, ukusabalala. Unenkathazo yamanenekazi, futhi. Kulungile.

220 Manje, lapha, manje lokhu kungenkathi ufanele wenze ukuqala, ukuze lelinenekazi lizokwazi.

221 Manje ngifuna izethameli zilokhu zikhothamise amakhanda azo, futhi zikhuleke, ngoba kuyahamba kusuka komunye kuya komunye. Uma uzofanele u . . . UJesu wathi, “NgeGama laMi bayakukhipha odeveli.” Manje yiba ulokhu ukhothamise ikhanda lakho uma ungafuni ukuba nesilonda. Niyabo?

222 Manje lapha ngifuna ubhekisise. Unesilonda, manje bhekisisa isandla sami futhi ubone ukuthi angisinyakazisi isandla sami.

223 Baba waseZulwini, makuthi umusa waKho nesihawu kube phezu kowesifazane, ukumsindisa. Ubhekisisa isandla sami. Uyabhekisisa, Baba, ukubona ukuthi ngabe ukhona yini umehluko. Futhi ngiyakwazi lokho, ukukholwa kwakhe, enokwethuka, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomsiza. EGameni likaJesu, msize.

224 Manje, inenekazi, angikawavuli amehlo ami okwamanje, kodwa inenekazi liyazi ukuthi isandla sami sisalokhu sinjengoba besinjalo. Akunjalo, nenekazi na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Manje kubhekisiseni ngokusondele ngempela manje.

225 Ngakho, lokhu akwenziwa ukwenza umbukiso. Lokhu kwenziwa ukumemezela ukuthi uJesu uyaligcina iZwi laKhe. Manje, Wathi, "NgeGama laMi bayakukhipha odeveli."

226 Manje ngizobamba isandla sami nje ngokuqinile. Ngifuna uqaphele, akusiyo indlela engibamba ngayo isandla sami. Niyabo, kulapho sonke isikhathi. Uyabona ukuthi kukhukhumala kanjani na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Kuba kubi ngasososonke isikhathi ["Yebo."] ngoba ngibambile. Isandla sami sonke sindikindiki, kuye kuyofika endololwaneni. Manje kubhekisise nje umzuzwana nje.

227 Nkosi Jesu, hhayi okombukiso (asifanele senze lokho), kodwa ukuthi iZwi lakho lingahle ligcwaliseke. Awubaphilisanga neze abantu ukukhombisa nje ukuthi WawunguNkulunkulu, kodwa kwakugcwalisa iZwi. Futhi kungaleyondlela engi . . . kungani ngenze lokhu kulobubusuku, Baba, ukukholwa kwami ukukholwa ukuthi lona wesifazane olungileyo angaphiliswa kulelidemoni.

228 Sathane, ngiyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, Onqoba phezu kwakho konke ukugula, futhi kungaphansi kwezinyawo zaKhe. Nanjengenceku yaKhe, ngenza ukuqala. EGameni likaJesu, yeka owesifazane, phuma kuye.

229 Manje angisinyakazisanga isandla sami. Inenekazi linginika ubufakazi. Into ethize yenzeka esandleni sami, akwenzekanga na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Uma kunjalo, yithi, "Amen." ["Yebo. Amen."] Sekuhambile, akunjalo na? ["Yebo. Amen. Sekuhambile."] Uphilisiwe. ["Haleluya!"] Manje nanto. ["NgiyaKubonga, Jesu!"] Manje buka lapha. Ngiphakamisa isandla sami, manje phakamisa isandla sakho, ngokufanayo nje. ["Yebo. Amen."] Usuphilisiwe. ["Yebo. Amen. Haleluya!"] Qhubeka, hamba uyodla ukudla kwakho kwakusihlwa, uJesu Kristu uyakusindisa.

"NgeGama laMi bayakukhipha odeveli!" Yebo.

230 Uyakholwa, dadewethu na? Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasisusa lesosimo sesifuba somoya kuwe futhi akusindise na? Kulungile, hamba ngendlela yakho, uthi,

"NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. NgiyaKukholwa, ngayo yonke inhliziyo yami."

231 Sawubona, mnumzane? Inhliziyo ibikuhlupha, uhlobo lokuvimbeka lubangelwa ukwethuka; ukushaya kanzima kwenhliziyo, ukushaya kwenhliziyo okuyidabuli, okukodwa e. . . okubili ecaleni elilodwa, nokunye ngakwelinye. Kulungile, mnumzane, kuyayeka manje. Hamba uqhubeke. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa, mnumzane. Hamba, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Kulungile.

232 Esinye isisu, sibi. Uyakholwa ukuthi uJesu uyakusindisa na? Hamba nje, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu." Kukholwe. Uma Engakutshela ukuthi uyini, impela Angakuphilisa.

233 Ukuba ke angishongo nelilodwa izwi kuwe, ngivele nje ngabeka izandla phezu kwakho, ubuyokholwa ukuthi uphilisiwe, uhlezi lapho esihlalweni esinamasondo na? Ubuyokholwa na? Hamba ngendlela yakho, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi." Kuyilokho okukholwayo.

234 Woza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyiphilisile leyonkathazo yeqolo, uhlezi lapho ngaleyonkathi na? Kulungile, ungaqhubeka, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi." Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Qhubeka futhi ukholwe.

235 Mnumzane, uma uNkulunkulu engakuphilisi, ngelinye ilanga uzokhubazeka wonke, *kanje*, ngenduku, uhamba nalesosifo samathambo. AwuMemukeli ngani khona manje na? Uyakukholwa na? Hamba ngendlela yakho, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi." Futhi uyigxobe into, futhi uqhubeke ngqo nendlela yakho, uthokoza.

236 UJesu uyaliphilisa iqolo lakho futhi uyakusindisa. Uyakukholwa lokho na? Kulungile, hamba ngendlela yakho, uthi, "NgiyaKubonga, Nkulunkulu oThandekayo."

237 Woza lapha, nenekazi. Manje wesabani na? Isizathu sokuba wesabe, sekuyisikhathi sokuvaleka ukuya esikhathini kuwe. Uyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, ukushintsha kwamanenekazi. Nayoyonke into, yalapho sekuhlwile kusihlwa, uyakhandleka. Awukwazi ukwenza umsebenzi wakho, ukhathala kakhulu. Lokho akunjalo na? [Udade uthi, "Iqiniso lelo."—Umhl.] Kulungile. Sekulungile konke manje. Qhubeka, ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

238 Okunye, ukuthuka, kodwa ubunokwethuka yonke impilo yakho, ubunokuthuka okuncane ngenkathi usemncane kakhulu. Wawungongahlelekile omncane wehla wenyuka. Kodwa manje ubukeka sengathi ikhona nje into eyavele yakubamba. Uyacindezeleka ngaso sonke isikhathi. Lokho akunjalo na? Akusophinde kubekhona, uma uzongikholwa khona manje njengomprofethi kaNkulunkulu. Hamba futhi ukholwe.

239 Bangaki phandle lapho enikholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. EGameni likaJesu Kristu waseNazaretha, ngiyala wonke owesilisa nowesifazane lapha ukuba nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye.

240 Uma iZwi likaNkulunkulu, ingxenye yaLo iqinisile, konke okwaLo kuqinisile. UJesu Kristu wathi, "Nge—ngeGama laMi bayakkhipha odeveli." "IZwi likaNkulunkulu Lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo."

241 UJesu wathi, "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Lonke ikholwa phakathi lapha, alithi "amen" kulokho. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manjeke, ningamakholwa, khulekela lowo onezakho . . . Khulekela lowo ababeke izandla zabo phezu kwakho, ngokuba bakhulekela wena. Asikhuleke kanye kanye futhi sehlule isitha, futhi makuthi wonke umuntu ogulayo phakathi lapha makaphiliswe, eBukhoneni bukaJesu Kristu.

242 Nkulunkulu uSomandla, Mqalisi wokuPhila, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalababantu.

243 Sathane, ikwehlulile impi. UJesu Kristu ulapha. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. AmaKristu anezandla zawo zibekwe phezu komunye nomunye. Akhuleka umkhuleko wokukholwa.

244 Wena wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ngamunye wabo uthe, "Amen," bayakholwa. Bagcizelele isifiso senhliziyo yaKho, ngenkathi Uthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Babeka izandla zabo phezu komunye nomunye.

245 Wehluliwe, Sathane. Phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu. Suka kulendawo futhi usuke kulendlu, eGameni likaJesu Kristu.

246 Wonke owesilisa nowesifazane okholwa ukuthi ikholwa libeke izandla phezu kwakho, umkhuleko wokukholwa uyakhulekwa, futhi usulungele ukushiya ukugula kwakho, ushiye imicabango yakho ngakho, futhi wemukele iZwi likaNkulunkulu ukuba liyongena enhliziyweni yakho, sukuma ume ngezinyawo zakho futhi wemukele ukuphiliswa kwakho, eGameni likaJesu Kristu. Amen futhi amen! Phakamisani izandla zenu manje futhi niMnike udumo, ngokuba sekuphelile konke.

*Ukubheka KuJesu* ZUL64-0122
(Looking Unto Jesus)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa ngo Januwari 22, 1964, eRamada Inn ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

